



*“Olungileyo...uyakhula
njengomsedari eLebanoni”*

(Amahubo 92:12)

Umngani Ongafunda
Naye Incwadi

UmShumayeli

Umbhali: Bill Daniels

Ihunyushwe nguThobile Nguse

*“Bafunda encwadini, emthethweni
kaNkulunkulu...bachaza, babaqondisa
okufundwayo.” (UNehemiya 8:8)*

Abangani bebhayibheli bethu njengalona bayizichazibhayibheli ezilula, bakhuluma ngezincwadi ezahlukenene zebhayibheli. Bakunikeza usizo lokuba ufunde ibhayibheli lakho ube nokuqonda. Ngale kokucabanga kuze kweqe. Lezincwadi ziyafundiswa, kuvezwe zisithinta kanjani thina, sezibe yisibusiso kwabaningi.

Abangani bebhayibheli abayizincwadi bayatholakala nakuziqephu zalezincwadi;

Ugenesise, UJoshuwa, U-Ruthe, 1 USamuweli, 2 USamuweli, Izaga, Umshumayeli, Isihlabelelo sezihlabelelo, U-Isaya, UDaniyeli, UJona, UHagayi, UZakariya, KwabaseRoma, 1KwabaseKorinte, 2 kwabaseKorinte, KwabaseGalathiya, Kwabase-Efesu, KwabaseFilipi, KwabaseKolose, KumaHeberu, Isambulo.

Iyatholakala nesihloko sithi “Kwethandekayo incwadi yezincwadi, ukuhlaziywa kwethestamente Elisha”.

Okuqukethwe

Isingeniso	1
Isahluko 1.....	11
Isahluko 2.....	17
Isahluko 3.....	23
Isahluko 4.....	33
Isahluko 5.....	41
Isahluko 6.....	49
Isahluko 7.....	53
Isahluko 8.....	61
Isahluko 9.....	67
Isahluko 10.....	77
Isahluko 11.....	81
Isahluko 12.....	85

“Ize leze,” usho uMshumayeli,
“ize leze, konke kuyize.”

(Shum. 1:2)

Isingeniso

Isihloko salencwajana sisuka emushweni ovulayo wesi-Grekhi esihunyushiwe (Septuagint) kwithestamenti elidala lesiHebheru – “*rhemata ekklesiastou*” noma “*amagama omshumayeli*”. Ngakho-ke igama “*Umshumayeli*” lingalesi-Grekhi elisho “oshumayelayo”, noma lowo okhuluma embuthwaneni (*ekklesia*) wabantu.

Incwadi kaMshumayeli ngeyomshumayeli (iNkosi uSolomoni, “indodana kaDavide, inkosi eJerusalema”, 1:1) okubhekwayo kwasemhlabeni, nokwesikhathi esinqunyelwe komuntu wemvelo, ngaphandle koMsindisi. Ngokubhekisisa umshumayeli uphindaphinda ngokuphetha kwempilo ngaphansi kwelanga ukuthi kuyize leze noma kungubuze. Inhliziyo yakhe iholwe yisambulo saphezulu, ubeka okuveza umehluko ngokwalapha emhlabeni, umbono ovundlile nempilo ngaphambi kukaNkulunkulu *ongaphezu* kwelanga *nowenze* ilanga. Lona ngumbono okungukuthi umuntu wemvelo ngaphandle kukaMoya kaNkulunkulu angeke akwazi ukukwetshisa, ngoba “*kakwamukeli okukaMoya kaNkulunkulu, ngokuba kungubuwula kuye; angekuqonde, ngokuba kubonisiswa ngokomoya*” (1 KwabaseKorinte 2:14).

Umshumayeli wayebhekene nosizi lomuntu wemvelo, engcoliswa nguthuli lomhlaba, ecindezelwe yizinkinga zempilo okungukuthi uNkulunkulu uzivumele ukuba zihluphe umuntu ekuphileni kwakhe emhlabeni (3:10), futhi uthola ukuthi konke lokhu kuyinkungu enyamalalayo nje nokuhlushwa kwangaphakathi. Mhlawumbe kungenxa yalombono womhlaba womshumayeli ukuthi sithole incwadi yoMshumayeli ingenawo amagama eNkosi (uJehova, Jah, noma u-Adonayi), nomkhondo omncane womqondo ngoMsindisi noma ngoMhlengi ngaphakathi emakhasini. Lendlela yasemhlabeni yokubuka ingeyomuntu wemvelo kakhulu, kanti umuntu ohlengiwe kaMoya undizela phezulu kungathi ngamaphiko okhozi, ebukela phansi kukho konke ngokombono kaNkulunkulu, ngeso elibuka ingunaphakade.

Manje kungani indlela yeNkosi ebonakala inonya kulencwadi, ishiya umuntu engenathemba osizini lwakhe lwasemhlabeni? Ngesizathu esifanayo nendlela ebonakala ingenanhliziyi yomthetho kaNkulunkulu, idalula ukungabi nathemba kwabantu nokungapheleli kwabo phambi komthetho ongcwele kaNkulunkulu, enganikezi sisombululo esidingweni somuntu. INkosi emseni wayo ifuna ukuholela umuntu ukuba abheke phezulu athole impendulo yakhe kuye. Ngoba ngesizathu esifanayo

abazali bahlakaniphile ukuletha ubuhlungu ngenduku enganeni yabo, ukuze bayiholele ezithelweni zokuthula nokulunga. Uma bekwazi ukuholelela ngempumelelo ekuphileni konke *entokozweni* ngokusetshenziswa kahle kwenduku ngesikhathi besakhula, kushukuthi qhubeka noswazi uma luzobalethela intokozo ekugcineni. Uma umuntu eholelwe *ekuphileni okuphakade*, ebusisiwe ebukhoneni bukaNkulunkulu weqiniso, ngobuhlungu nokungabinathemba kwempilo ngaphandle kukaNkulunkulu ngesikhathi sisaphila kulempilo, kushukuthi mabulethwe-ke lobo buhlungu. Lena yinhloso yokubhala komshumayeli. UNkulunkulu ubhekana nomuntu nokungabi nathemba kwempilo, ehlinzeka lencwadi njengesikhuthazo ekuphelelweni yithemba, ekugcineni ngukuya kuNkulunkulu ukuthola izimpendulo zempilo nethemba, intokozo nokwaneliseka kuye.

Bheka isifundiso safakazi wethu siyacaca. Asihlakaniphile uma sizofuna ukuthambisa ukuthuka noma sizame ukududuza abangasindisiwe emizamweni yethu yokubazisa uKristu. Kuncono kakhulu ukulandela isibonelo saphezulu esiphambi kwethu, esibeka amaqiniso nemiphumela yokukhetha komuntu phambi kwakhe njengoba uNkulunkulu enza, nakho konke

ukusonga nokungabinathemba kucacile. Ngoba lapho indlela uMoya kaNkulunkulu encoma ekuholeleni umphefumulo ezimpendulweni zaphakade kuMsindisi. Bese babone ukwaneliseka kwakho kuKristu, ngoba abasoze bathola intokozo engapheli njengalena lapha emhlabeni (Umshumayeli 1:8; Izaga 4:19; U-Isaya 59:8; 57:20-21), kanti abahlengiwe bahlezi bevuselelekile (U-Isaya 57:15; 32:17-18; 1 EkaJohane 1:4; Amahubo 29:11).

Umbhali noma “*umshumayeli*” kucacile ukuthi yiNkosi uSolomoni. Ubufakazi bangaphakathi busobala (1:1, 12; 2:9 qhathanisa nencwadi 2 Izikronike 1:12). Kunalabo abaphikisa ukubhala kukaSolomoni, nogqozi lwencwadi yoMshumayeli, kodwa lencwajana yayikwithestamente elidala losuku lukaKristu, futhi uKristu akazanga “acacisa”. Ngakho-ke ukwethembeka kukaKristu uqobo lwakhe kucabangela ukwethembeka kwalencwadi.

Lencwadi kaSolomoni ingukuhlolwa kwempilo ngamehlo alowo onakho konke, okuqonde konke, nokuphile konke. Iyingxoxo yokuthi iyiphi impilo efanelwe ukuphilwa. Indikimba yencwadi echazwe emavesini amathathu okuqala. Isahluko sokuqala sifingqa inkinga umshumayeli abhekana nayo. Sizobheka kwisahluko sokuqala maduze nje.

Ngakomunye umqondo lena yincwadi ulwazi oluqondene nezimfihlo zokubhidlika kwezinto, ukubheka impilo ngokombono wabantu. Kodwa ulwazi oluqondene nezimfihlo zokudabuka kwezinto *lwangempela*, hhayi *olobuhedeni*. Sithola kwincwadi yoMshumayeli ukwahluleka komuntu ukuthola isizathu sempilo “*ngaphansi kwelanga*” okuqotho, nokuvuma lokhu, ngaphandle kokwazi lowo owenze ilanga. Konke ukufuna komuntu, uma ngempela kucatshangelwe njengombono ongaguquki, futhi kulandelwe kuze kube sekugcineni, kutholakala kuyize noma into engelutho. Noma ngabe ukufuna ulwazi oluthile (1:17, “*Nganikela inhliziyo yami ukwazi*”, 8:16, “*Ngibeka inhliziyo yami ukukwazi*”), noma ubungcweti obuthile (2:4-8, “*Ngazenzela*”, “*Ngazitholela*”, “*Ngazakhela*”, “*Ngazitshalela*”, “*Ngazibuthela*”; 2:9-10, “*Ngaba mkhulu kunabo bonke ababe phambi kwami*”, “*Konke amehlo ami akufisayo angikugodlanga kuwo; angenqabelanga inhliziyo yami neyodwa intokozo*”, njlnjl). Kukho konke lokho umqondo umshumayeli afinyelela kuwo ngukuthi kwakuyize ngaphansi kwelanga (2:11). Yayingekho inzuzo engapheliyo kukho konke.

Wabheka ekuphindaphindekeni okungapheli kwempilo, izimfihlakalo nokubuka kuphikisana. Udlala ngemibuzo ebalulekile; “ngabe lempilo yomshikashika ngempela ifanelekile ukuphilwa?”

“Yini umqondo walomshikashika wokuphinda phindeka okungapheli?” Abantu baphila impilo yabo ngokubeka uhlamvu phezu kolunye, ekugcineni ukufa nje ushiye konke lokhu obusukuqoqe kahle ukushiyele omunye. Ubani owaziyo ukuthi leyondlalifa yalokhu kuzoba ngofanelekile noma izokuxhaphaza konke nje (2:17-19; buka incwadi yamahubo 49:10).

UMshumayeli uziveza yena kuqala *njengofunayo*, bese eziveza *njengomeluleki*. Kwakunguye owayecinga ngobuqotho ecinga isizathu sempilo, esithola ekugcineni kuNkulunkulu, ebese ezokwabela izwe lakhe ngalokhu asekutholile. Ufika ekugcineni esiphethweni sokuthi okuyiyona nto elungile umuntu angayenza ukuhamba ngokwesaba iNkosi, ethokozela izibusiso zikaNkulunkulu nsuku zonke. Impela iThesatamente elisha liyaligqamisa ithemba, ligcizelela ukuthi “*ukusebenza kwethu akusilo ize eNkosini*” (1 KwabaseKorinte 15:58), nokuthi konke lokhu okwenzelwe uKristu kuzoma, futhi kuzoklonyeliswa ngomhla wokuphela (Jakobe 1:12).

Amagama ayinqikithi encwadini ayasiza ukuveza ukugcizelela komyalezo wayo; “*ukuhlakanipha*” noma “*ulwazi*” (izikhathi ezingama-52), “*umuntu*” (izikhathi ezingama 47), “*Ize leze*” (izikhathi

izingama-37), “*umshikashika*” (izikhathi ezingama-36), “ngaphansi kwelanga” (izikhathi ezingama-30), “ububi” (izikhathi ezingama-22).

Lesi sisho esivamile “ngaphansi kwelanga” siveza uhlangothi umbhali abheka ngalo njengokwemvelo yomuntu. Kushiwo ngendlela izwe elibheka ngayo indlela evundlile, kungengokomqondo wasezulwini. Kuchaza ukubheka ngendlela yomuntu ngaphandle kukaNkulunkulu, okufingqwe “njengeze leze”. Futhi uma umuntu ema nalowomqondo nje kuphela usele ebumnyameni ngaphandle kokukhanya kosuku okulethwa ukuphumula kwesambulo sikaNkulunkulu kumuntu. Awukwazi nje ukuthatha uMshumayeli ngokwawo. Njengencwadi yezenzo, lencwadi kufanele iqondwe ngomongo webhayibheli lonke. Izinkolo zamanga ziyazicanasela nje kulencwadi. Ngiyakhumbula eminyakeni edlule, ukuzama komunye okhonza kofakazi bakaJehova ekhomba encwadini yoMshumayeli (mhlawumbe isahluko 3:20 & 9:5) eliwubufakazi bombono wakhe ngokulala kwemiphefumulo, ukuthi kucima izibani uma befa.

Okuphambene ngqo nalokhu okungumqondo woMshumayeli kulencwadi yilelo themba lalowo, onamehlo okukholwa, ubona ngaphezu kwelanga, ebona “Ongabonwayo” (buka noMose encwadini

KumaHebheru 11:27).

UMshumayeli ubonakala ecabanga ngokuzungeleza, ngokuphindaphinda ecwila ebuzeni beminikelo engathi shu yalelizwe, ebese ebuya futhi ekuthembeleni kuNkulunkulu. Ebheka impilo ngaphansi kwelanga ngendlela umuntu wemvelo angayibuka ngayo, ngaphandle kokukhanya kwesambulo sikaNkulunkulu, uMshumayeli ubheka ukuzungeleza okungapheli (1:4-11), ukubonakala kwempilo njengengenaqiniso (4:1; 7:15; 8:8), ukungabi nasizathu kokuthanda izinto eziphathekayo (2:4-11; 5:10-11), udumo (4:16), ukwenza imigubho (2:1-2; 7:2-6), njlnjl. Waphinda wafika esiphethweni esiphindaphindekile – ize. Manje uMshumayeli uyaqhubeka ubuya ukhuluma njengalowo uNkulunkulu azembule kuye, eqinisekisa ukuthi ithemba leqiniso litholakala kuphela kuNkulunkulu, ukuthi impilo angakwazi ukuthokozelwa kuphela njengesipho esivela kuNkulunkulu (2:24; 3:13; 5:18; 8:15). Kwisisho esinjena kunephuzu lokuqiniseka emazwini oMshumayeli (3:14; 8:12-13), ekugcineni uphetha ngokuthi abahlakaniphile bazophila izimpilo zabo baphilele uNkulunkulu, bazi ukuthi “*uNkulunkulu uyakuyisa yonke imisebenzi ekwahlulelweni*” (12:13-14).

Ngakho-ke inhloso yalencwadi ngukuveza ubuze bezinto eziphathekayo, imigomo yasemhlabeni njengesiphetho, nokukhomba indlela kuNkulunkulu njengomthombo walo lonke iqiniso ezimpilweni zethu nasemshikashikeni yethu, nasekuphileni okuphakade.

*“Ngiyibonile yonke imisebenzi eyenziwayo
phansi kwelanga; bheka, konke kuyize
nokufuna umoya.”*

(Shum. 1:14)

Isahluko 1

Isabelo esiqotho

- 1:1 *Amazwi oMshumayeli indodana kaDavide, inkosi yaseJerusalema.*
- 1:2 *“Ize leze,” usho uMshumayeli, “ize leze, konke kuyize.”*
- 1:3 *Kuyinzuzoni kumuntu ngawo wonke umshikashika wakhe awushikashikayo phansi kwelanga na?*
- 1:4 *Isizukulwane siyamuka, isizukulwane siyeza, kepha umhlaba umi phakade.*
- 1:5 *Ilanga liyaphuma, ilanga liyashona, lishesha ukuya endaweni yalo lapho liphuma khona.*
- 1:6 *Umoya uya ngaseningizimu, uzungeze, uye ngasenyakatho; uzungazungeza njalo ekuhambeni kwawo, nasekuzungezeni kwawo umoya uyabuyela.*
- 1:7 *Yonke imifula iyangena elwandle, kepha ulwandle alugcwali; endaweni eya kuyo imifula, ibuye iye khona njalo.*
-

1:4-7 – Imijikelezo engapheli.

- Ivesi 4 – Izizukulwane zabantu.
- Ivesi 5 – Izinsuku.
- Ivesi 6 – Imimoya.
- Ivesi 7 – Amanzi.

1:8-10 – Akukho ukuqeda.

- Akukho okufika ekupheleni nokwanelisayo.

- 1:8 Zonke izinto ziyakhandleka, akakho ongakuphimisa;
iso alisuthi ngokubona, nendlebe ayigcwali
ngokuzwa.
- 1:9 Okwake kwaba khona yikho okuyakuba khona,
nokwake kwenziwa yikho okuyakwenziwa; akukho
okusha phansi kwelanga.
- 1:10 Kukhona yini into okuthiwa ngayo: “Bheka, intsha
le.” Yayikhona nasemandulo ayengaphambi kwethu.
- 1:11 Akukho ukukhunjulwa kwase bephelile,
nabalandelayo abayakufika abayikukhunjulwa nabo
phakathi kwabalandela bona.
- 1:12 Mina Mshumayeli ngangiyinkosi phezu kuka-
Israyeli eJerusalema.
-

Impilo ayifiki la sekwanele khona, bese
kudlulelwa kokusha. Umshikashika ongapheli
womuntu awufiki 6

- ekuphelelni noma awunamgomo noma
impumelelo. “Ngoba kwenzenjani?” umbuzo
ofanelekile ngaphansi kwelanga.

1:11 – Akukho ukukhunjulwa okuhlala njalo.

- Akukho okwanamuhla okuhlala kuze kufike
isizukulwane esizayo.

1:12-13 – Ukuzinikela koMshumayeli ukufunisisa
nokuqonda.

1:12-18 – Ukuvala kwakhe.

1:13 *Nganikela inhliziyo yami ukufuna nokuvivinya ngokuhlakanipha konke okwenziwa phansi kwezulu; kungumshikashika omubi uNkulunkulu awunikile amadodana abantu ukuba awushikashike.*

1:14 *Ngiyibonile yonke imisebenzi eyenziwayo phansi kwelanga; bheka, konke kuyize nokufuna umoya.*

1:15 *Okuyisigwegwe akunakuqondiswa, nokungekho akunakubalwa.*

1:16 *Ngakhuluma mina nenhliziyo yami, ngathi: “Bheka, ngenzile ukuhlakanipha kube kukhulu, ngikwandisile kunabo bonke phambi kwami eJerusalema, yebo, inhliziyo yami ibonile kakhulu ukuhlakanipha nokwazi.”*

-
- Ivesi. 13-14 – *“Umshikashika omubi”, “kuyize nokufuna umoya”.*
 - Ivesi. 15 – Izinto ezidinga ukuqondiswa azinakuqondiswa kwaphakade.
 - Ivesi. 16-18 – Ngisho ubuhlakani obukhulu, nakho konke ukubamba lonke ulwazi nokwenza, kuletha usizi olukhulu kunokuba kulethe ukuphumula (ivesi 18). Uyabona, lowo ohlakaniphe ngempela ungumboni (uyaqapha, uyabheka ngokucophelela), futhi uyabona ebese eyaqonda kabanzi ngokungalingani nobumuncu bokwenzeka kwezinto nokungabikho kwethemba okulethwa okwenzeka kumuntu ngokuwa komuntu esonweni. Abantu bonakele impela,

- 1:17 *Nganikela inhliziyi yami ukwazi ukuhlakanipha nokwazi ubuhlanya nobuwula. Ngase ngibona ukuthi nalokho kwakungukufuna umoya.*
- 1:18 *Ngokuba ekuhlakanipheni okuningi kukhona ukukhathazeka okuningi; owandisa ukwazi wandisa usizi.*
-

ngenhliziyi “*ingumkhohlisi ngaphezu kwakho konke, futhi imbi*” (UJerimiya 17:9). Labo ababheka ngokuhlakanipha abaphuthwa ngukwenzeka kwezinto. Kanti, esiwuleni azibonakali, bagijima ngekhandanangokunganaki empilweni befuna ukwaneliseka kwabo, benganakile futhi bengakhathalele inhloso yempilo. Kodwa uMshumayeli *uyabona*, ngokucace kakhulu kunawo wonke umuntu, ebheka yonke ezobakhona noma eyenziwa ngaphansi kwelanga, futhi ngaphandle kokwahluleka ubuya elambatha. Kunomqondo oyiqiniso wokuthi ukungazi kuthwala ubumnandi besikhashana, ngoba ukungazi bulungele lempilo nje kuphela. Ababoni beqiniso phakathi kwabangasindisiwe, ekubukeni kwabo ngokuqaphela, bavamise ukuholeleka ethembeni elingekho elifanayo lokubheka izinto, nasekuphelelweni yithemba nasekuzibulaleni, ngayo yona lemicabango

uMshumayeli ayivezayo. Ngoba uma bengayitholi impendulo kwindodana phezu kwelanga balandela ukunganeliseki kwalapha ngaphansi kwelanga. Akunamsebenzi ukuphika lamaqiniso amnyama, noma akululazi imicabango efana nalena njengaphilisayo noma ukugxeka ngokungafanele. Bonke abaqaphele ngokweqiniso kufanele beze ekungabini nathemba okufanayo uma bebhaka *kuphela* okungaphansi kwelanga. Futhi *ngale* kwalempilo, ngokubuka komuntu wemvelo, “*ngubani ongambuyisa ukuba abone okuyakuba semva kwakhe na?*” (3:22). YiNkosi yempilo nokufa kuphela engembula iqiniso langemuva ngale kokufa.

Kodwa lokho akukhona iNkosi esishiya nakho, hhayi ngisho kulencwajana kaSolomoni. Indlela eya ekuphileni okuyigugu izohlala ifana. Guqukisa ukugxila kwakho bese uphilela Lowo owenze ilanga, bese kuthi kwabanye ube yinceku yabo bonke, ngoba ilapho indlela eya entokozweni.

*“Akukho okuhle kumuntu kunalokhu kokuba
adle, aphuze, abonise umphefumulo wakhe
okuhle emshikashikení wakhe,
kepha nalokho ngakubona ukuthi kuvela
esandleni síkaNkulunkulu.”*

(Shum. 2:24)

Isahluko 2

- 2:1 *Ngase ngithi mina enhliziyweni yami: “Woza, ngizakukulinga ngentokozo; mawubone okuhle nje.”
Kepha nalokho kwakuyize.*
- 2:2 *Ngathi ngokuhleka: “Ngubuhlanya,” nangentokozo: “Yenzani na?”*
- 2:3 *Ngaphenya enhliziyweni yami ukuba
ngiyakuthokozisa kanjani umzimba wami ngewayini,
inhliziyi ingihole nokho ngokuhlakanipha, nokuba
ngibambe ubuwula, ngize ngibone ukuthi kuyini
okuhle kumadodana abantu ukuba akwenze phansi
kwezulu ezinsukwini zonke zokuphila kwawo.*
- 2:4 *Ngazenzela imisebenzi emikhulu, ngazakhela izindlu,
ngazitshalela izivini,*
- 2:5 *ngazenzela izivande namahlathi, ngatshala khona
imithi enezithelo zezinhlobo zonke,*
- 2:6 *ngazenzela amachibi amanzi ukuba kuniselwe ngawo
ihlathi lemithi emilayo.*
- 2:7 *Ngathenga izinceku nezincekukazi, nganginazo
ezazalwa endlini; yebo, nganginemfuyo enkulu
yezinkomo neyezimvu phezu kwakho konke
okwakuphambi kwami eJerusalema.*
-

Kwisahluko 2 uSolomoni ujikisa inhliziyi yakhe emisebenzini emihle yalo lonke uhlobo (ivesi 4-10), kodwa ufumana konke kungenanzuzo (ivesi 11). Ubese elandela okuthize ngesizathu sokuthi kungani efike kulokhu kuphetha evesini 12-23. Noma ulwazi ludlula ubuwula ngokufanayo ukukhanya buyabudlula ubumnyama (ivesi 13), kodwa ekugcineni kwenzeka okufanayo kubo bobabili

- 2:8 *Ngazibuthela futhi isiliva negolide, nemfuyo yamakhosi, nezifunda; ngathola abahlabeleli, abesilisa nabesifazane, nalokho athokoza ngakho amadodana abantu: isancinza, yebo, izancinza eziningi.*
- 2:9 *Ngase ngikhula ngaba mkhulu kunabo bonke ababe phambi kwami eJerusalema. Nokuhlakanipha kwami kwakumi ngakimi.*
- 2:10 *Konke amehlo ami akufisayo angikugodlanga kuwo; angenqabelanga inhliziyo yami neyodwa intokozo, ngokuba inhliziyo yami yathokoza ngawo wonke umshikashika wami; lokho kwakuyisabelo sami kuwo wonke umshikashika wami.*
- 2:11 *Ngase ngibhekana nemisebenzi yonke ezaziyezile izandla zami, nomshikashika engangishikashikile ukuwenza; bheka, konke kwakuyize nokufuna umoya, akukho nzuzo phansi kwelanga.*
- 2:12 *Ngase ngiphenduka ukuba ngibone ukuhlakanipha, nokuhlanya, nobuwula, ngokuba angenzani umuntu olandela inkosi ngaphandle kwalokho okwenziweyo ngaphambili na?*
- 2:13 *Ngase ngibona ukuthi ukuhlakanipha kudlula ubuwula njengalokhu ukukhanya kudlula ubumnyama.*
- 2:14 *Ohlakaniphileyo unamehlo ekhanda lakhe, kepha isiwula sihamba ebumnyameni; nokho ngabona ukuthi umehlo munye wehlela bonke.*
-

ohlakaniphile noyisiwula (ivesi 14-17) - *bayafa!* Manje iyini inzuzo yokuhlakanipha kwasemhlabeni ngemva kokufa? (Ivesi 15) akekho obe esakhumbula esizukulwaneni esizungelezayo esizayo (ivesi 16). Futhi ngemva kwempilo yomshikashika, izithelo zishiyelwa omunye umuntu (ivesi 18-23), lowo muntu ongaba yisiwula, noma enziwe isiwula

- 2:15 Ngase ngithi enhliziyweni yami: “Njengokwehlelwa kwesiwula ngiyakwehlelwa nami; ngisidluleleni ngokuhlakanipha na?” Ngathi-ke enhliziyweni yami ukuba nalokho kwakuyize.
- 2:16 Ngokuba akukho ukukhunjulwa kohlakaniphileyo nokwesiwula kuze kube phakade, lokhu ezinsukwini ezizayo konke kuyakube sekukhohlakele. Nohlakaniphileyo akafi njengesiwula na?
- 2:17 Ngase ngizonda ukuphila, ngokuba umsebenzi owenziwa phansi kwelanga mubi kimi, lokhu konke kuyize nokufuna umoya nje.
- 2:18 Yebo, ngazonda wonke umshikashika wami engangiwushikashika phansi kwelanga, lokhu ngabona ukuthi ngizakuwushiya kumuntu ofika emva kwami.
- 2:19 Ngubani owaziyo, uma eyakuba ngumuntu ohlakaniphileyo noma isiwula na? Nokho uyakubusa phezu kwawo wonke umshikashika wami engiwushikashikile nengihlakaniphele kuwo phansi kwelanga. Nalokho kuyize.
- 2:20 Ngase ngibuye ngaphela ithemba ngawo wonke umshikashika engangiwushikashikile phansi kwelanga.
-

ngukuzuza lokho masinyane (ivesi 19). Omunye ongazange asebenze noma asebenzise ubuhlakani kulokho anakho (ivesi 21). Ukuthatha umoya kuseyili! Iyini inzuzo yalokho? (Ivesi 22) kungani uzikhathaza empilweni uze ungakwazi nje ukulala (23) ngomunye umuntu ongeke ufise ukumbusisa ngezithukuthuku zakho?!

Ngakho-ke uMshumayeli, kubuhlakani bakhe basemhlabeni, wafika esiphethweni esifanelekile.

- 2:21 Ngokuba kukhona umuntu omshikashika wakhe wenziwe ngokuhlakanipha, nangokwazi, nangekhono, kepha nokho uyakuwunikeza kumuntu ongawushikashikanga kube yisabelo sakhe. Nalokho kuyize nobubi obukhulu.
- 2:22 Ngokuba umuntu unanzuzoni yawo wonke umshikashika wakhe nokukhandleka kwenhliziyo yakhe akushikashikile phansi kwelanga na?
- 2:23 Ngokuba zonke izinsuku zakhe zinobuhlungu, nomsebenzi wakhe ulusizi; yebo, nasebusuku inhliziyo yakhe ayiphumuli; nalokho kuyize.
- 2:24 Akukho okuhle kumuntu kunalokhu kokuba adle, aphuze, abonise umphefumulo wakhe okuhle emshikashikeni wakhe, kepha nalokho ngakubona ukuthi kuvela esandleni sikaNkulunkulu.
- 2:25 Ngokuba ngubani ongadla, ngubani ongajabula ngaphandle kwakhe na?
- 2:26 Ngokuba umuntu omuhle kuNkulunkulu uyamnika ukuhlakanipha, nokwazi, nentokozo, kepha isoni usinika usizi lokuba sibuthe, siqongelele, ukuze simnike yena omuhle kuNkulunkulu. Nalokho kuyize nokufuna umoya.
-

Ngokubuka imvelo *yesikhashana* kulomhlaba, nangokubuka imvelo *edlulayo* yemiphumela yemisebenzi yomuntu ngaphansi kwelanga – ***thokozela impilo!!*** (Ivesi 24-26) Thokozela izithelo zomshikashika wakho ngokuphelele. Zibone njengesipho esivela kuNkulunkulu, hhayi njengezinto zokunqwabelana ndawonye ngokushesha, kanti ekugcineni zizoshiyelwa abanye. Zibone njengento yokuthokozelwa ekuzuzeni kwayo. NguNkulunkulu onika ukuthula kwabaphendukayo,

nokuhlupheka kulabo abonayo (ivesi 26). Futhi konke lokhu kuthanda izinto eziphathekayo zimbondelane kwababi, ekugcineni kuzozuza labo abalungileyo (ivesi 26), ngoba abamnene bazodla ifa lomhlaba wonke. UNkulunkulu ungumlawuli walokho (buka incwadi yezaga 13:22; 28:8). Intokozo yeqiniso yezithelo zomshikashika wethu (*nentokozo yomshikashika wethu futhi*) ilele ekutheni siyamthokozisa yini uNkulunkulu kunokuba sibe yizazi ezizenzela intando yazo (Amahubo 84:11; KwabaseRoma 8:28). Lokho akufanele kuhlanekezelwe njengabafuna ukuzithokozisa ngenxa yokuphelelwa yithemba empilweni, “Masidle, siphuze, ngokuba ngomuso sizakufa”. Kunalokho kubuya esiphethweni esinomqondo sokuthi akukho ukujabula ekugcineni *ngaphandle kukaNkulunkulu*. U-Augustine wake wakhuleka;

“Wena ungenzele wena, futhi nenhliziyo yami ngeke iphumule ize iphumule kuwe”.

Insindiso nempilo engunaphakade kuJesu Kristu ngukhuhlelwa esimweni esibucayi somuntu sokungabi nathemba ngaphansi kwelanga.

*“Ngizazi ukuthi konke akwenzayo uNkulunkulu
kuyakuba khona kuze kube phakade;
akukho okungenezelwa kukho,
futhi akukho okungasuswa kukho.
UNkulunkulu ukwenzile ukuba
abantu besabe phambi kwakhe.”*

(Shum. 3:14)

3:1 Konke kunesikhathi sakho, yonke indaba inomzuzu wayo phansi kwezulu.

3:2 Kukhona isikhathi sokuzalwa nesikhathi sokufa, isikhathi sokutshala nesikhathi sokusiphula okutshaliweyo;

3:3 isikhathi sokubulala nesikhathi sokuphilisa, isikhathi sokudiliza nesikhathi sokwakha;

3:4 isikhathi sokukhala nesikhathi sokuhleka, isikhathi sokulila nesikhathi sokusina;

3:5 isikhathi sokuphonsa amatshe nesikhathi sokuqoqa amatshe, isikhathi sokugona nesikhathi sokungagoni;

- Ubufakazi bohlelo lukaNkulunkulu (ivesi 1-8, 11). Umuntu angabona ubufakazi bohlelo lukaNkulunkulu empilweni, njengoba ekwazi ukubona uhlelo lukaNkulunkulu ngendalo, okumphoqa ukuba avume ubukhona

- 3:6 isikhathi sokufuna nesikhathi sokulahlekelwa,
isikhathi sokucina nesikhathi sokuhlahla;
3:7 isikhathi sokuklebhula nesikhathi sokuthunga,
isikhathi sokuthula nesikhathi sokukhuluma;
3:8 isikhathi sokuthanda nesikhathi sokuzonda, isikhathi
sokulwa nesikhathi sokuzola.
3:9 Unanzuzoni osebenzayo ngalokho akushikashikayo
na?
3:10 Ngibonile umshikashika uNkulunkulu awunikile
amadodana abantu ukuba awushikashike.
3:11 Wenzile konke kube kuhle esikhathini sakho, ubekile
nokuphakade ezinhliziyweni zabo; nokho umuntu
angefumane umsebenzi awenzile uNkulunkulu
kwasekuqaleni kuze kube sekupheleni.
-

bukaNkulunkulu (Buka incwadi yamahubo
19; KwabaseRoma 1:19-21). Iqiniso ngukuthi
noma umuntu angahluleka ukuqonda
ngokuphelele lokhu uNkulunkulu akwenzayo
(ivesi 11), akukho okubi ngendlela
uNkulunkulu enza ngayo izinto, noma
umuntu angalingeka ukuba acabange lokho.
Konke kuphethwe ngendlela
ngokukaNkulunkulu (ivesi 11).

- Ubufakazi bobuze bempilo (ivesi 9-10).
Umuntu angabona ubucwebe kulempilo,
obuphinda futhi bumphoqe ukuba abheke
kuNkulunkulu.
- Ubufakazi bengunaphakade (ivesi 11).

Kunombuzo ngaphezu kwegama elihunyushiwe “umhlaba” evesini 11. kunegama elikhulu lesiHebheru *olam*, elitholakala izikhathi ezingaphezulu kwama-400 ebhayibhelini, futhi cishe yonke indawo lihunyushwe “okungunaphakade” noma “phakade” noma into ethi ayifane. Igama lesiHebheru *olam* lithi alifane nelethestamente elisha lesiGrekhi elithi ‘*aion*’, okuyilapho esithola khona igama lesingisi elithi eon, elichaza ukuthi “umhlaba” ngokomqondo “wonyaka”. Cishe izikhathi eziyikhulu igama *olam* livela kwithestamente elidala okuyisona sikhathi lihunyushwe “umhlaba” yisencwadini yaMahubo 73:12, futhi lapho “umhlaba” ungokomqondo wonyaka. Empeleni okunye ukuvela kwaleligama *olam* kulencwadi yoMshumayeli (kubandakanya umongo osheshayo wesahluko 3:14) uveza umqondo wokungunaphakade (1:4, 10; 2:16; 3:14; 9:6; 12:5).

Ngakho-ke, lapha kuMshumayeli 3:11 okushiwo khona ngumqondo wengunaphakade uNkulunkulu awubekile ezinhlizweni zabantu. UNkulunkulu unikile, ngisho nakumuntu wemvelo, ukuthi izinto ezidlule zilandiswe nezinto zamanje, nokuthi izinto zamanje kufanele ziphendulelwe

yikusasa (ivesi 15). Futhi ngalokho kuqaphela kwengunaphakade, umuntu ushiywe nenkinga yokungakwazi kwakhe ukuqonda ngokuphelele, phakathi kwezinye izinto, ubukhulu bokwakudala nokuzayo. Umuntu akakwazi ukulandela konke okuyimiphumela yekusasa ezinqumweni zamanje nokwenzeka manje. Uvame ukungakwazi ukuxhuma izimo zamanje noma imiphumela ezinqumweni zezolo nokwenzekile. Akalingani nomsebenzi wokuhlanganisa konke lokho ndawonye. Ngakho-ke umuntu uphoqelekile ukuthemba uNkulunkulu ngesici sokuyiqiniso nemiphumela angakwazi ukuyazi ngokuphelele yena, umuntu angaqonda, ngokubeka kwenkosi lokho kuqonda kuye, ngokomqondo wengunaphakade kokungaqondeki ngokwemvelo kaNkulunkulu nendalo yakhe, nezimfihlakalo ezingaxazululeki ekuphileni kwethu. UNkulunkulu akamnikezanga umuntu zonke izixazululo kokubonakala kungahambisani empilweni. Kunalokho ushiye umuntu engakwazi ukuchaza ngokuphelele imisebenzi kaNkulunkulu, *“nokho umuntu angefumane umsebenzi awenzile uNkulunkulu kwasekuqaleni kuze kube sekupheleni”* (3:11; qhathanisa nesahluko 8:17). Futhi kuphinde

- 3:12 *Ngiyazi ukuthi akukho okuhle kubo kunokuba bathokoze, bazenzele okumnandi besekhona.*
- 3:13 *Kepha futhi ukuba abantu bonke badle, baphuze, babone okuhle kuwo wonke umshikashika wabo kuyisipho sikaNkulunkulu nalokho.*
-

umuntu ubhekene nobuncane bakhe
ngokungqubuzanayo nobukhulu
obungakhawuki bukaNkulunkulu. Ngoba
iNkosi ibekile isigxivizo sengunaphakade
enhlizweni yomuntu, akakwazi ukuthola
ukwaneliseka okuphelele kulomhlaba.
Lomuntu futhi wemvelo uphetha ngokuthi
kufanele kube nento engale kwalokhu kuphila,
futhi uyalangazelela lokho kuzinza
okunokuqiniseka lapho.

UJesu wakhuluma ngendlela ethi ayifane kubafundi
bakhe encwadini NgokukaLuka 10:20, “*kepha
thokozani ngokuthi amagama enu alotshiwe
ezulwini.*” Isisekelo sangempela sokuthokoza
ngukwazi ukuthi sinephakade lethu elizinzile,
ukuthi ubudlelwane bethu noMdali wethu bumisiwe
ingunaphakade kuKristu. Uqweqwe oluphezulu
ekhekheni lenkazimulo yinjabulo yezinto ezincane
zempilo nezithelo zokushikashikeka kwethu
njengesiphiwo sikaNkulunkulu nazo zonke lezo zinto

- 3:14 *Ngiyazi ukuthi konke akwenzayo uNkulunkulu kuyakuba khona kuze kube phakade; akukho okungenezelwa kukho, futhi akukho okungasuswa kukho. UNkulunkulu ukwenzile ukuba abantu besabe phambi kwakhe.*
- 3:15 *Lokhu okukhona yikho okwakukhona, nalokhu okuyakuba khona kade kwakukhona; uNkulunkulu ufuna okudlulileyo.*
- 3:16 *Futhi ngabona phansi kwelanga ukuthi kukhona okubi endaweni yokwahlulela nokuthi kukhona ukushinga endaweni yokulunga.*
-

ezivelayo nokuchaza imibala ejulile ngomzuzu wokusindiswa kwami. Nginengunaphakade lonke kuye! Nokuhamba naye kulokhu kuphila futhi! *Makabongwe uNkulunkulu ngokulunga kwakhe!*

Kodwa kumuntu wemvelo ngaphandle kukaNkulunkulu, siyaphinda futhi isiphetho soMshumayeli ngaphansi kwelanga (“*akukho okuncono*”, 2:24; 3:22) kunjalo kulowomuntu (ivesi 12-14), ukuthokozela imiphumela emihle yomshikashika wakhe njengesipho sikaNkulunkulu (ivesi 13), futhi ngisho nokuvumela okungunaphakade, ngokwemvelo okungamaziseki kophezukonke ekumletheni ukuba esabe iNkosi (ivesi 14; buka nencwadi yamahubo 119:89-91).

Kwisahluko 3:16-4:3 uMshumayeli uvusa umbuzo

3:17 Ngase ngithi enhliziyweni yami: “UNkulunkulu uyakwahlulela nolungileyo nomubi, ngokuba kukhona lapha isikhathi sezindaba zonke nesemisebenzi yonke.”

3:18 Ngathi enhliziyweni yami: “Kungenxa yamadodana abantu ukuze uNkulunkulu awavivinye, wona azibonele ukuthi anjengezilwane nje.

noma inkinga. Uma uNkulunkulu ehlela zonke izigameko zempilo, futhi esiqinisekisa ukuthi “*Konke kuhle ngesikhathi sakho*”, kungani ubulungiswa bungekho, nokucindezelwa phakathi kwabantu kuvumelekile? Ngoba njengoba uMshumayeli ebheka nje ngaphansi kwelanga (ivesi 16), uthola ukuthi yilapho ukwahlulelwa kwenziwe phakathi kwabantu, ububi nakho kukhona (ubulungiswa obungaphelele). Futhi ngisho lapho abantu bekhuluma ngokulunga kuhlezi nje kunesilinganiso esanele sobubi phakathi. Kodwa ubona ngaphambili (ivesi 17) ukuthi *ngeke* kube njalo noNkulunkulu uma isikhathi sesifikile somsebenzi wakhe wokwahlulela.

Kwivesi 18 umshumayeli ubonakala ephendula ukuthi uNkulunkulu uyavumela ukungabibikho kobulungiswa ngaleso sikhathi phakathi kwabantu ukuze ububi bomuntu buzibonakalise noma buvele kuye- ukuze umuntu aqonde ubuncane bakhe

3:19 Ngokuba okwehlela amadodana abantu kwehlela nezilwane, into inye ikwehlela kokubili: njengalokhu kufa lokho, kuyafa nalokhu; kunomphefumulo munye, umuntu akazidluli ngalutho izilwane, ngokuba konke kuyize.

3:20 Konke kuya endaweni inye; konke kuvela othulini, konke kubuyela othulini.

(enjengezilwane) ngokwemvelo yakhe. Uyabona, uma kuthiwa sithola ukwahlulelwa masinyane masiqeda ukona ngabe ayikho indawo yokuthi umuntu asebenzise intando yakhe, nokukholwa, nokubekezela kokukhuthazela ebunzimeni, njlnjl. Ngakho-ke uNkulunkulu uyavumela umuntu ukuba aziveze kuye ububi bakhe, imvelo yakhe ewile, nokubhekana nenyama yakhe efayo nobuthakathaka bakhe (okuqhathanisekayo ngaleyondlela kuphela nezilwane). INkosi iyamvumela umuntu ithuba, noma njengomcindezeli noma njengocindezelwayo, ukuphendula ngendlela efanelekile ngukuphendukela kuNkulunkulu. Yingakho iNkosi ivumela abantu ababi abacindezelayo ukuba baqhubeke bungabibikho ubulungiswa ngaleso sikhathi.

Uyaphinda uMshumayeli uza, evesini le-22, isiphetho esihle kumuntu ngaphansi kwelanga - ukuthokozela kokubonga umsebenzi wakhe

*3:21 Ngubani owaziyo ukuthi umoya wamadodana
abantu ukhuphukela phezulu, nomoya wezilwane
ukuthi wehlela phansi emhlabathini, na?"*

*3:22 Ngase ngibona-ke ukuthi akukho okungcono
kunokuba umuntu athokoze ngemisebenzi yakhe,
lokhu kuyisabelo sakhe, ngokuba ngubani
ongambuyisa ukuba abone okuyakuba semva kwakhe
na?*

njengxenye kuye evela kuNkulunkulu kulempilo.
Ukunganaki kommuntu wemvelo ikusasa kufanele
kumholele ekusebenziseni ukuphila kwakhe
enzuzweni egcwele.

*“Kungcono ukhweshe lokuthula kunezandla
zombili zigcwele umshikashika
kanye nokufuna umoya.”*

(Shum. 4:6)

Isahluko 4

- 4:1 *Ngase ngibuye ngabona konke ukucindezela okwenziwa phansi kwelanga; bheka izinyembezi zabacindezelwayo; babengenamduduzi. Ohlangothini lwababacindezelayo kwakukhona amandla, kepha bona babengenamduduzi.*
- 4:2 *Ngase ngibusisa abafuleyo asebafa kunabaphilayo abasekhona,*
- 4:3 *kepha badlulwa bobabili nguye ongakabikho, ongabonanga umsebenzi omubi owenziwa phansi kwelanga.*
- 4:4 *Futhi ngabona wonke umshikashika nakho konke okwenziwe ngekho ukuthi kungumhawu womuntu ngomakhekwane wakhe. Nalokho kuyize nokufuna umoya.*
- 4:5 *Isiwula siyasonga izandla zaso, sidle umzimba waso.*
-

UMshumayeli manje uqala ubheka izisusa ezahlukahlukeni zabantu emisebenzini yabo.

4:4 – Umhawu.

- Abanye bafika kumphela ndaba womhawu.

4:5 – Ubuvila.

- Abanye benza lokhu okuphambene kakhulu, bakhethe ukungasebenzi nhlobo, bese imiphumela elindelekile kube yindlala (“*sidle umzimba waso*”).

- 4:6 *Kungcono ukhweshe lokuthula kunezandla zombili zigcwele umshikashika kanye nokufuna umoya.*
- 4:7 *Ngase ngibuye ngabona okunye okuyize phansi kwelanga:*
- 4:8 *Kukhona oyedwa, kanaye owesibili, yebo, akanamntwana, kanamfowabo, nokho ukuphela komshikashika wakhe akukho, namehlo akhe awasuthi ngengcebo. Uthi: “Ngishikashikela-bani, ngiswezisela umphefumulo wami ngokuhle, na?” Nalokho kuyize nenhlupheko embi.*
-

4:6 – Ukulinganisa.

- Ukulinganisa, indlela efaneleyo ukufuna ukuba nokwanele “*ngokuthula*”. Kuncono onakho ezandleni nenhliziyo enokuphumula, kunalowo obamba konke ngazo zombili izandla zigcwele ukuhlushwa, umbango, umhawu, njlnjl. (Buka incwadi yeZaga 15:16-17; 16:8). Ungaphinde wenze iphutha lokuthenga umcebo ngenani lokuthula, ngoba ngomhlobiso ofana nalona kuza nokuhlushwa.

4:7-8 – Umdlwembe.

- Lona yilowo ohlala yedwa futhi ongabelani namuntu, ohlezi eqhutshwa yisifiso sengcebo eningi, kodwa futhi akaneliseki. Yisithombe esibuhlungu somhobholo wokunganeliseki nangaphandle kwenjabulo, futhi

- 4:9 *Kungcono ababili kunoyedwa, ngokuba banomvuzo omkhulu ngomshikashika wabo.*
- 4:10 *Ngokuba uma bewa, omunye uyavusa umngane wakhe; kepha maye kuye oyedwa lapho ewa, engenawesibili wokumvusa!*
- 4:11 *Futhi uma ababili belele ndawonye, banokufudumala, kepha oyedwa angafudumala kanjani na?*
- 4:12 *Nakuba umuntu ahlula oyedwa, ababili bayakuma phambi kwakhe, nentambo emicu mithathu ayisheshi ukugqashuka.*
-

nomshikashika ongapheli- engazibuzi ngisho ukuthi “*ngobani?*” noma “*ngenzela bani?*” “Umshikashika obuhlungu” noma ibhizinisi elinosizi, yilokhu uMshumayeli ohlakaniphile abhala ngaso sonke lesisimo esingesihle.

4:9-12 – Abantu bangaba ngabangani abayinzuzo kakhulu kunemali.

- Ababili mabesebenzisana kuba nomvuzo omuhle ngokushikashika kwabo (ivesi 9).
- Ababili bayakwazi ukusizana mabebhekana nezingqinamba (ivesi 10).
- Ababili bayakwazi ukududuzana ezikhathini ezinzima (ivesi 11).
- Ababili, ngisho nabathathu, banikeza

ukuvikela okukhulu engozini (ivesi 12). “*Nentambo emicu mithathu*” kukhulunywa ngezintambo ezinemicu emincane ziphindwe zaba yinto eyodwa eqinile, ukuchaza amandla afanayo abangani uma bebhakene nokugojelayo.

Buhle kakhulu kangakanani-ke ubudlelwane bobungani, bomshado, nomndeni kunalokhu kokuzicabangela wedwa nomcebo wakho wedwa wobudlwembe. Ukuthi uma eyedwa kwaba yinto yokuqala iNkosi eyathi “*akukuhle*” (UGenesise 2:18). Futhi imali ayibalwa njengomngani.

Ingcebo (isib. Okungale “*kwesandla*”) into engenamqondo nje ukuthi uyifune empilweni, njengoba kuza “*nokukhathazeka komoya*” (ivesi 6), kuholela ekuphileni okunobuxhwanguxhwangu nje (ivesi 8), bese kuphuca umuntu zonke izinzuzo ezicebile zobungani (ivesi 9-12). Ukuhlakanipha kubhala “UBUWULA” kukho kokubili ubuvila nokuba yisigqila somsebenzi.

4:13-16 – Umbukiso wepolitiki.

- Nasi isithombe sokushintsha okungapheli ngobuholi, futhi nalemvelo eguquguqakayo njalo yabalandeli. Umfana ohlakaniphileyo (“*umfanyana*”) uphakama esihlalweni

*4:13 Kungcono umfana ompofu ohlakaniphileyo
kunenkosi egugileyo eyisiwula, engasakwazi
ukuxwayiswa,
4:14 ngokuba waphuma etilongweni ukuba abe yinkosi,
yebo, wazalwa embusweni wayo empofu.*

sobukhosi esuka endaweni yenhlupheko noma ngisho ejele ngenxa yokuhlakanipha kwakhe, athathe ukubusa “*enkosini egugile eyisiwula*” (ivesi 13-14. Bese kuthi “*umfana wesibili*” aphakame abe ngothandwayo, odumile kunalo wokuqala (ivesi 15), kuze abantu “*nokho abafika emuva abayikuthokoza ngaye*”. Awukho umkhawulo kulombukiso wepolitiki (ivesi 16).

Kunezinto okufanele sihlale sizikhumbula ngaso sonke isikhathi uma siza kulencwadi eyigugu kaNkulunkulu. Umbono wencwadi ujoye ukusuka kulowo womuntu wemvelo, wokubona kwethu phansi kwelanga. Ngumuntu wemvelo ebambene nempilo, efuna izimpendulo ngokwakhe, engatholi ncazelo engaguquki noma ukucaciseleka lapha (ngaphandle kwesambulo saphezulu). Bese ubheka ukuthi uMshumayeli ulokhu ebuyela esiphindaphindela ukukhetha okuncono kakhulu okuselwe phezu kwalokhu esikuthola lapha ezansi;

4:15 Ngabona bonke abaphilayo ababehamba phansi
kwelanga bekanye nalowo mfana obeyakuma
esikhundleni sakhe;
4:16 kwakungekho ukuphela kwabantu bonke, bonke
ayephambi kwabo; nokho abafika emuva
abayikuthokoza ngaye. Impela nalokho kuyize
nokufuna umoya.

- Ukungabi nalutho kwemisebenzi yasemhlabeni, nesiphetho sokuthi konke lokhu esikwazi ukukufeza kulelifastela elifushane lempilo kuzosala ngemuva, kuholela kwisahluko 2:24-26 – “*akukho okuhle kumuntu*” kunalokhu kokuba “*athokozele umshikashika wakhe*”, ngokuba lokhu kuvela kuNkulunkulu.
- Ufakazi kaNkulunkulu ngohlelo lwempilo, nomqondo wengunaphakade ngokwemvelo kumuntu, kuholela kwisahluko 3:12-14 – ukuze abantu “*babone okuhle kuwo wonke umshikashika wabo*” njengesipho sikaNkulunkulu, “*nalokho UNkulunkulu ukwenzile ukuba abantu besabe phambi kwakhe*”.
- Umuntu uyaziveza ekungabini nabulungiswa kwakhe, nenyama yakhe efayo, nokungazi, nokucindezeleka, okuholela kwisahluko 3:22 –

“akukho okuncono” kunokuthi umuntu athokoze emsebenzini wakhe njengesabelo sakhe empilweni.

- Kanjalo, ubulima bokuqoqa izinto eziphathekayo lapha ngenxa nje yokufuna ukuba nazo, kuzoholela kwisahluko 5:18-20 – kuhle futhi kulungile ukuba umuntu *“athokozele ubuhle bomshikashika wakhe”*, njengesabelo sakhe esivela kuNkulunkulu, esinikezelwe ukuba sithokozelwe nguye.
- Futhi nalokhu okubonakala okwesikhashana sengathi akunasiqiniseko empilweni, kuholela kwisahluko 8:15 – *“umuntu akanakho okuhle”* kunokuba ajabule emshikashikeni wakhe kuzo zonke izinsuku uNkulunkulu amnikeze zona.

Lempendulo empilweni, naseNkosini yempilo, ukuphila impilo asinikeze yona ngokugcwele, lokhu ngukukhetha okuhle kakhulu umuntu anakho ngokusho kobufakazi; ukucwebezela kwezinto ezifeziwe kuloluhlangothi lwelanga, ubufakazi bukaNkulunkulu, futhi yena yedwa njengomthombo wohlelo, imvelo embi yomuntu, nokubonakala njengokungenasiqiniseko okuthandelayo empilweni. Impendulo yabantu engaba ngefanelekile ngukuhamba njengabavumayo nabamazisayo

uNkulunkulu weqiniso - ngokuhamba ekumesabeni yena.

Isahluko 5

5:1 *Gcina unyawo lwakho, lapho uya endlini
kaNkulunkulu, ngokuba ukusondela ukuyokuzwa
kungcono kunokunikela ngomhlathshelo weziwula,
ngokuba azazi ukuthi zenza okubi.*

UMshumayeli ejikela kwisexwayiso ngokukhonza. Njengoba inkinga yomuntu kungukubona lokhu akwenzayo phambi kukaNkulunkulu (Izaga 3:6), ebheka ngokucophelela lobo budlelwane obubalelukile, uMshumayeli uveza ukukhathazeka ukuthi asifaki yini engozini intokozo yethu nesibusiso ezintweni zalelizwe ngokunganaki nokungayazisi iNkosi ngalokhu esikwenzayo - ikakhulukazi endabeni yokukhonza.

5:1-7 – Isexwayiso ngokukhonza okusheshayo.

- Ivesi. 1 – “*Gcina unyawo lwakho*”. Ungayi kuNkulunkulu ngaphandle kwenhlonipho okuyiyona yona. Kufanele siqaphele ukungayi “*endlini kaNkulunkulu*” njengokwenza komshini kungathi umsebenzi wenkolo. Lowo okhonza uNkulunkulu kufanele “*akulungele ukulalela*”, asondele kuye ngokunaka kweqiniso nokumthanda yena, kunokuletha

5:2 *Ungabi namawala ngomlomo wakho, nenhliziyo yakho mayingasheshi ukukhipha izwi phambi kukaNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu usezulwini, wena usemhlabeni; ngalokho amazwi akho mawabe yingcosana.*

5:3 *Ngokuba iphupho livela ngemisebenzi eminingi nephimbo lesiwula ngobuningi bamazwi.*

5:4 *Lapho wenza isithembiso phambi kukaNkulunkulu, ungalibali ukusifeza, ngokuba akathokozi ngeziwula: feza lokhu okwethembisayo.*

“*umhlatshelelwe weziwula*”, okusho amagama amaningi ajikijelwa phezulu njengesandla esigcwele inhlabathi angasho lutho - emaningi enjalo awanamsebenzi walutho. Okushiwo kukho yimicimbi enobukhazikhazi engasho lutho, nokukhonza okugcwele nje amazwi. Laba baqhubi mthetho bezenkolo “*abazi ukuba benza okubi*”. Abakucabanga njengokwenza okulungile (imikhuleko engukukhuluma kobuwula nezinkulumo ezingasho lutho zokuzibophezela) zimenyezelwe *njengokwenza okubi*. Ngisho njengalokhu okungafunwa kumaKristu komkhuleko ophambi kwabantu ongasho lutho komholi wezenkolo wamaJuda. UMshumayeli ufaka lemicabango ngokuqondile ezindabeni noma maqondana nomkhuleko (ivesi 2-3) nezifungo

- 5:5 *Kungcono ukuba ungenzi isithembiso kunokuba uthembisa ungafezi.*
- 5:6 *Ungavumeli umlomo wakho ukuba wonise inyama yakho, futhi ungasho phambi kwesithunywa sikaNkulunkulu ukuthi kuyiphutha; yini ukuba uNkulunkulu athukuthelele izwi lakho, achithe umsebenzi wezandla zakho, na?*
- 5:7 *Ngokuba lapho kukhona amaphupho amaningi, kukhona nokuyize namazwi amaningi, kepha wena yesaba uNkulunkulu.*
-

kuNkulunkulu (ivesi 4-7).

- Ivesi. 2-3 – Imikhuleko. “*Ngamawala*” (ivesi 2) ngokuphambene nokuhlonipha okucantshangisiswe kahle – amagama angacatshangiwe nemicimbi engasho lutho yemikhuleko, lapho ubuningi bamagama busesikhundleni sezinga lobuqiniso bukaNkulunkulu.
- Ivesi. 4-7 – Izifungo nokuzibophezela kuNkulunkulu akufanele zenziwe ngokushesha, ngokuba lokho okukhulunywe phambi kukaNkulunkulu kufanele kugcinwe. Buka nencwadi kaDuteronomi 23:21-23, ecashuniwe lapha evesini lesi-5. Lowo ozama ukuphuma esifungweni asenza ngamawala phambi kukaNkulunkulu uyavela kwivesi lesi-6.

- 5:8 *Uma ubona ukudlovelwa kwabampofu
nokuphangwa kokwahlulela nokokulunga ezweni,
ungamangali ngakho, ngokuba omkhulu uqaphela
omkhulu kunaye, futhi kukhona nabakhulu kunabo.*
- 5:9 *Inkosi esebenzela amasimu iyinsizakalo yezwe kukho
konke.*
-

Kuyisithombe senkolo engenamsebenzi,
engenakho ukunaka ngokuqaphela
ubudlelwane bomuntu noNkulunkulu.
UMalaki 1:16-14 nawo uchaza ukungaqapheli
kwenkolo, kulahlwa ngokufanayo ngale
yiNkosi. Uma umuntu engaba nesibusiso
sikaNkulunkulu empilweni yakhe ngaphansi
kwelanga, kufanele kuthathwe ukunakekela
ukuqinisekisa ukuthi uhlale eqotho phambi
kukaNkulunkulu (“*wena yesaba
uNkulunkulu*”, Ivesi 7). Funa aqalekiswe
nguNkulunkulu, ngisho ebukhazikhazini
benkolo enyakazayo - yebo, *ngenxa* yabo. Funa
uNkulunkulu “athukuthelele izwi lakho,
achithe umsebenzi wezandla zakho, na?” (ivesi
6), ngisho njengalabo ngezinsuku zikaKristu,
iNkosi ebacaphunile encwadini ka-Isaya
29:13; “Lesi sizwe singidumisa ngezindebe
zomlomo, kepha inhliziyo yaso ikude
nami; kodwa bangikhonza ngeze befundisa
izifundiso eziyimiyalo yabantu”

- 5:10 *Othanda imali akayikusutha ngemali, nothanda okuningi akaneliswa yizithelo; nalokho kuyize.*
- 5:11 *Lapho okuhle kwanda, nabakudlayo bayanda; kulusizo luni kumninikho ngaphandle kokuba akubone ngamehlo akhe na?*
- 5:12 *Ubuthongo besisebenzi bumnandi, noma sidla okuyingcosana noma okuningi, kepha ukusutha kocebileyo akumvumeli ukuba alale.*
-

(NgokukaMathewu 15:8-9).

5:8-17 – Umqondo ofanele wezinto eziphathekayo.

- Ivesi. 8 – Ungamangazwa yilabo abafuna umcebo wabo ngokungabi nabulungiswa belimaza abanye. INkosi iyakubona konke lokhu futhi kuzobuyiselwa ngesikhathi sayo.
- Ivesi. 10-17 – Uhlu lo “*ngoba*” ngokumelene nokuqoqa izinto eziphathekayo.
 - Ivesi. 10 – Ngoba into ephathekayo enhle kakhulu ngeke yanelise.
 - Ivesi. 11 – Ngoba izinto eziphathekayo ziyakhanga zidonsa izinambuzane, futhi kuvame ukungabi nakho ukusetshenziswa okwakhayo.
 - Ivesi. 12 – Ngoba isidingo *sokusebenza* sikhulu kunesidingo *sengcebo*.

- 5:13 *Kukhona ububi obudabukisayo engibubonile phansi kwelanga: ingcebo egcinelwe umniniyo ukuba imlimaze;*
- 5:14 *futhi uma ingcebo ichithwa ngengozi embi, indodana ayizalileyo ayinalutho esandleni sayo.*
- 5:15 *Njengalokho aphuma esizalweni sikanina, uyakubuye amuke, ahambe ze njengasekufikeni kwakhe, engatholi lutho ngomshikashika wakhe, ahambe nalo esandleni sakhe.*
- 5:16 *Nalokho kungububi obudabukisayo ukuthi uyamuka kukho konke njengokufika kwakhe; unanzuzoni ukuthi ushikashikele umoya na?*
-

Isisebenzi silala kahle, ngisho singadli kahle.

- Ivesi. 13 – Ngoba ingcebo iletha inkathazo.
- Ivesi. 14 – Ngoba ingcebo iyashabalala. Buka nencwadi yeZaga 23:4-5.
- Ivesi. 15-16 – Ngoba zonke izinto eziqoqwe ngokucophelela zizosala ngemuva.
- Ivesi. 17 – Ngoba impilo yokukhathazeka kokushikashika ayilethi lutho.

5:18-20 – Isiphetho Somshumayeli.

- Ivesi. 18 – Kuhle futhi kulungile ukuthokozela

- 5:17 *Yebo, zonke izinsuku zakhe zisebumnyameni nasosizini, nasekukhathazekeni okuningi, nasekuguleni, nasekuthukutheleni.*
- 5:18 *Bheka, engikubonile mina ukuthi kuhle futhi kumnandi kumuntu kungukudla, nokuphuza, nokubona okuhle kuwo wonke umshikashika wakhe awushikashikayo phansi kwelanga zonke izinsuku zokuphila kwakhe uNkulunkulu amnika zona; ngokuba lokhu kuyisabelo sakhe.*
- 5:19 *Futhi bonke abantu uNkulunkulu abaphe ingcebo nemfuyo, abanike futhi namandla okudla kukho ukuba bathathe izabelo zabo, bathokoze ngomshikashika wabo lokho kuyisipho sikaNkulunkulu.*
- 5:20 *Ngokuba akakhumbuli kakhulu izinsuku zokuphila kwakhe, lokhu uNkulunkulu emnika intokozo enhliziyweni yakhe.*
-

okuhle komsebenzi wethu. Lokhu kunokuzama ukuthola intokozo ezintweni eziphathekayo.

- Ivesi. 19 – izinto eziphathekayo namandla okuzithokozela kuyisipho sikaNkulunkulu. Noma *intokozo emsebenzini wethu* isuka kuNkulunkulu. Ungaphuthwa ngokushiwoyo lapha ukuthi uNkulunkulu ulindele ukuthi sithole injabulo emsebenzini wethu. Uma kungenjalo kuwe, akukhona ukungalaleli na? Yenza lesi sinqumo sokuba ujabule emsebenzini wakho. Ukungawuthandi umsebenzi wakho kuvame ukuba yinkinga

yesimo sengqondo kunezimo- isimo senqondo
sokungaleli?

Isahluko 6

- 6:1 *Kukhona ububi engibubonile phansi kwelanga ukuthi bunzima phezu kwabantu:*
- 6:2 *umuntu uNkulunkulu amnika ingcebo, nemfuyo, nodumo, aze angasweli lutho lomphefumulo wakhe kukho konke akufisayo, uNkulunkulu angamniki nokho amandla okudla kukho, kepha kudliwa ngumfokazi; lokho kuyize, kuyisifo esibi.*
- 6:3 *Uma umuntu ezala abantwana abayikhulu, ehamba iminyaka eminingi, zibe ziningi izinsuku zeminyaka yakhe, kodwa umphefumulo wakhe ungasuthi ngokuhle, futhi angabi nakumbelwa, ngithi okuphuphumileyo kungcono kunaye,*
- 6:4 *ngokuba kufika ngeze, kumuke ebumnyameni, igama lakho lisitshelwa ngubumnyama.*
- 6:5 *Nelanga akulibonanga, akwazi lutho; khona kunokuphumula kunaye.*
-

Lesi sahluko siqhubeka nodaba lalokhu okucatshangelwa njengenzuzo nezibusiso zasemhlabeni, kodwa izinto ezingakulethi ukwaneliseka ngokwazo.

6:1-8 – Izinto ezinganelisi

- Ivesi. 1-2 – Ingcebo eningi, kodwa “uNkulunkulu angamniki nokho amandla okudla kukho”.

- 6:6 *Yebo, noma ephila iminyaka eyinkulungwane ephindwa kabili, engaboni okuhle, abayi bonke endaweni inye na?*
- 6:7 *Wonke umshikashika womuntu wenzelwa umlomo wakhe, nokho iphango alaneliswa.*
- 6:8 *Ngokuba ohlakaniphileyo udluleleni isiwula, nompofu okwazi ukuhamba phambi kwabaphilileyo unantoni na?*
- 6:9 *Kungcono ukubona kwamehlo kunokuzulazula kwesifiso; nalokhu kuyize nokufuna umoya.*
- 6:10 *Okukhona kwake kwabizwa ngegama; kwaziwa ukuthi umuntu uyakuba yini; akanakwahlulelana nonamandla kunaye.*
-

- Ivesi. 3-5 – Izingane eziningi, kodwa *“umphefumulo wakhe ungasuthi ngokuhle”*. UMshumayeli uphakamisa ukuphuphuma kwesisu njengokukhetha okuncono kunempilo engagculisi (ivesi 3-5).
- Ivesi. 6-8 – Impilo ende, *“engaboni okuhle”* (ivesi 6), nokho *“iphango alaneliswa”* (ivesi 7).

6:9-12 – Iziphetho.

- Ivesi. 9 – UMshumayeli uphetha ngokuthi kuncono kakhulu ukujabula ngalokhu onakho (*“ukubona kwamehlo”*), kunokuhlala ufunana nokuningi (*“kunokuzulazula kwesifiso”*).

6:11 Lokhu kukhona amazwi amaningi akwandisa okuyize, umuntu unanzuzoni na?

6:12 Ngokuba ngubani okwaziyo okuhle okuyakuba ngokomuntu ekuhambeni kwakhe zonke izinsuku zokuhamba kwakhe okuyize aziqedayo njengesithunzi na? Ngubani ongatshela umuntu okuyakuba semva kwakhe phansi kwelanga na?

- Ivesi. 10-12 – zonke ezinye iziphetho ngaphansi kwelanga ziyize.

*“Ngokuba akukho muntu
emhlabeni olungileyo kangaka
ukuba enze okuhle, angoní.”*

(Shum. 7:20)

Isahluko 7

- 7:1 *Igama elihle lingcono kunamafutha amahle, nosuku lokufa lungcono kunosuku lokuzalwa.*
- 7:2 *Kungcono ukuya endlini yokulila kunokuya endlini yedili, ngokuba lokho kungukuphela kwabantu bonke; nophilayo makakubeke enhliziyweni yakhe.*
- 7:3 *Usizi lungcono kunokuhleka, ngokuba ngokudabuka kobuso inhliziyo yenzelwa okuhle.*
- 7:4 *Inhliziyo yabahlakaniphileyo isendlini yokulila, kepha inhliziyo yeziwula isendlini yentokozo.*
- 7:5 *Kungcono ukuzwa ukukhuza kohlakaniphileyo kunokuba umuntu ezwe ukuhlabelela kweziwula.*
-

Indlela yokuphila ehlakazekile.

7:1 – Umusa yigama elihle.

- Idumela elihle linikeza iphunga elimnandi ukwedlula amakha amnandi kakhulu.

7:2-6 – Izinzuzo zobunzima.

- Kunenzuzo kakhulu ukukhunjuzwa ngezikhathi zobunzima bempilo ubuthakathaka nobuwula bethu, kunokuzinikela ekujabuleni okungenangqondo, namahlaya. Sibona ukuhlakanipha okudlula konke kuKristu,

- 7:6 *Njengokucacamba kwezintathawe eziphansi
kwekhanzi, kunjalo ukuhleka kweziwula. Nalokho
kuyize.*
- 7:7 *Impela ukucindezela kuyamhlanyisa ohlakaniphileyo,
nokuthengwa ngomvuzo kuchitha ingqondo.*
- 7:8 *Kungcono ukuphela kwendaba kunokuqala kwayo;
onomoya obekezelayo ungcono kunoziphakamisayo.*
- 7:9 *Ungasheshi ukuthukuthela emoyeni wakho, ngokuba
ulaka luhlala ezifubeni zeziwula.*
- 7:10 *Ungasho ukuthi: “Kwenziwa kanjani ukuba izinsuku
zokuqala zazizinhle kunalezi na?” Ngokuba awubuzi
kanjalo ngokuhlakanipha.*
-

kodwa kwakukuphi ukuhleka
okungenanqondo nokuthanda ubumnandi
empilweni yakhe?

7:7 – Imvelo ebhubhisayo yokucindezelwa
nobugebengu.

7:8-9 – Kuncono ukubekezela
kunokuzikhukhumeza.

7:10 – Ukububula ngezinsuku ezedlule.

- Ungazixaki ngokukhalela, noma ukugxila
“ezinsukwini zakuqala”, ngoba lokhu
kungukumosha isikhathi. Kuyangabazeka
kwakhona ukuthi zazincono ngempela yini
vele.

7:11 Ukuhlakanipha kuhle njengefa, yebo, kunenzuzo kwabalibonayo ilanga,

7:12 ngokuba kusemthunzini wokuhlakanipha njengasemthunzini wemali, kepha inzuzo yokwazi ingeyokuba ukuhlakanipha kulondoloza ukuphila kwalowo onakho.

7:13 Bona umsebenzi kaNkulunkulu, ngokuba ngubani ongelula lokho akugobileyo na?

7:14 Yenama ngosuku lwenhlanhla, kepha ngosuku olubi qonda ukuthi nalolu uNkulunkulu ulwenzile njengalolo, ukuze umuntu angafumani lutho ohuyakuba khona emva kwakhe.

7:15 Konke ngikubonile emihleni yami eyize: kukhona olungileyo obhubhile ekulungeni kwakhe, kukhona nomubi owelula ukuphila kwakhe ebubini bakhe.

7:11-12 – Ukuhlakanipha nengcebo- inhlanganisela enqobayo.

7:13-14 – Thokoza enhlanhleni nasezinkingeni.

- Lesi siyalo sisekelwa ngukwengamela kukaNkulunkulu zonke izinto. Akayivezi inhloso yakhe yekusasa, futhi umuntu angekwazi ukushintsha icebo lokwengamela likaNkulunkulu (ivesi 13).

7:15 – Umqondo wobulungiswa.

- Ayikho into ephazamisa isimo sengqondo somuntu ngokulungile nokungalungile njengokubona umuntu efa ngaphezu

7:16 *Ungabi ngolungileyo ngokudluleleyo, ungazenzi
ohlakaniphileyo kakhulu; uzichithelani na?*

kokulunga kwakhe, noma ukubona umuntu omubi ephila isikhathi eside ngaphezu kobubi bakhe. Impendulo izovela kwisahluko 8:12-13. Buka incwadi yamaHubo 73, “*ngaqaphelisisa ukugcina kwabo*”.

7:16 – “*Ungabi ngolungileyo ngokudluleleyo*”.

- Ungakwenzi ihaba ukulunga kwakho. Ungagcizeleli kakhulu, sizikhandla ngokweqile ngaphandle ngendlela yokuthi siveza impilo enemithetho eqinile kunalokhu uNkulunkulu akufunayo. Buka incwadi 1 kuThimothewu 4:3, “benqabela ukuganana, bethi akuzilwe ukudla”. UMshumayeli ukhuluma ngokushiseleka ngokweqile, ukuzenza abalungile ngaphandle okufana nokwabaFarisi kokwengeza emthethweni kaNkulunkulu kuze kulahleke lokhu okuyinhliziyi yokubalulekile kukaNkulunkulu njengokulungile. Lona ngumzalwane okushisekela kwakhe kokulungile kuphenduka kube ngokunyanyekayo

7:17 *Ungabi mubi ngokudluleleyo, ungabi yisiwula;
uyakufelani kungakabi yisikhathi na?*
7:18 *kuhle ukuba ubambelele kulokhu, yebo, ungabuyisi
isandla sakho nakulokho, ngokuba owesaba
uNkulunkulu uyakuphumelela kukho konke.*

ehefuzelela phezulu kukho
ukuthuka, engafuni ukuvumela noma
ngokuncane okungalungile ukuba
kunganakwa.

7:17 – Okunye futhi okwedlulele.

- Ukusuka ekuphileni *ngomthetho*
ngokuhlangezile kuya *ekugunyazweni*,
kuvunyelwa yimvelo yesono ukuba izenzele
umathanda ngokukhululeka. Lokhu kufanele
kugwenywe nakho, funa ukwahlulela
kukaNkulunkulu kokufa kufikele kuwe
kungakabi yisikhathi.

7:18 – Abasaba uNkulunkulu bazophunyuka kukho
konke lokhu kwahlulela.

- Kuhlezi kunendlela efanele yokulandelwa
empilweni, indlela ephakathi nendawo
egwema ukweqisa. UNkulunkulu ugqamisa
ukulingana ngokwebhayibheli lapha. Buka

7:19 *Ukuhlakanipha kumenza ohlakaniphileyo ukuba abe namandla kunababusi abayishumi abasemzini.*
 7:20 *Ngokuba akukho muntu emhlabeni olungileyo kangaka ukuba enze okuhle, angoni.*
 7:21 *Ungabeki inhliziyi yakho emazwini onke akhulunywayo, funa uzwe inceku yakho ikuthuka,*
 7:22 *ngokuba kaninginingi inhliziyi yakho iyazi ukuba nawe ubathukile abanye.*
 7:23 *Konke lokho ngikuvivinyile ngokuhlakanipha, ngathi: “Ngiyakuhlakanipha,” kepha kwakusala kude nami.*

incwadi kuThimothewu 3:3, lapho igama elihunyushwe “*ukubekezela*” lichaza ngokulinganayo, noma “ukubuyela emuva encwadini yokulungileyo ukugcina umoya uncono kakhulu” (umsele).

7:19-21 – Amandla okuzibamba okuhlakaniphile.

- Abahlakaniphile banamandla okuzibamba noma okuzithiba, futhi babanamandla esikhathini sokuthotshiswa. Bayakwazi ukona kwabo, ukuthi kufanele ukwahlulelwa. Uma ukubuyiswa noma ukushawa noma amahloni esiwatholayo engafanelekile siyazi ukuthi kukhona okuningi ebesikufanele kodwa kwangasehlela.

7:23-29 – Okutholwe nguMshumayeli ekufuneni

7:24 *Okude nokujulile kakhulu, ngubani ongakufumana na?*

7:25 *Ngase ngiphenduka ukuba inhliziyo yami yazi, ihlole, ifune ukuhlakanipha nendikimba yezindaba ukuyokwazi ububi ukuthi bungubuwula, nobuwula ukuthi bungubuhlanya.*

7:26 *Ngase ngifumana okubaba kunokufa: owesifazane onhliziyo yakhe iyizingibe namanetha, nezandla zakhe ziyizibopho; omuhle phambi kukaNkulunkulu uyakuphunyuca kuye, kepha isoni siyakubanjwa nguye.*

7:27 *“Bheka, nakhu engikufumene,” uthi uMshumayeli: “Ngibeka okunye kokunye ukuba ngithole indikimba yezindaba,*

kwakhe ukuqonda konke.

- Ivesi. 26 – Okunanyathiselwe enhlizweni embi, owesifazane obambayo umuntu ngisho kunokufa. UNkulunkulu ngeke avumele lowo omthokozisayo ukuba akhubeke kokufana nalokhu. Omunye uyazibuza ukuba ngabe uSolomoni ukhuluma ngento eseke yenzeka kuye, ngokubamba ngapha amakhosikazi angamakhulu angama-700 nezancinza ezingama-300 (1 Amakhosi 11:3). Cabanga ukuthi lokhu ngabe kuvezani ngomqondo kaNkulunkulu kuSolomoni, kuleminyaka yakhe yokugcina yokubusa.
- Ivesi. 28 – akavamile owesifazane omuhle

7:28 nokusafunwa ngumphefumulo wami,
ningakakufumani kodwa: indoda inye phakathi
kwenkulungwane ngiyifumene, kepha owesifazane
phakathi kwabo bonke labo angimfumananga.
7:29 Bheka, lokhu kuphela ngikufumene ukuthi
uNkulunkulu wamenza umuntu waba qotho, kepha
bona bafunile amacebo amaningi.”

ngokweqiniso.

- Ivesi. 29 – Ukungavami kobuqotho babantu ngukwenza kwakhe umuntu uqobo (ukungenzi), akuyena uNkulunkulu. Icala noma iphutha lalokhu alikwazi ukubekwa kuNkulunkulu.

Isahluko 8

8:1 Ngubani onjengohlakaniphileyo na? Ngubani owazi ukuchasisela indaba na? Ukuhlakanipha komuntu kuyakhanyisa ubuso bakhe, nobulukhuni bobuso bakhe buyaguqulwa.

8:2 Ngithi: Gcina izwi lenkosi ngenxa yesifungo ngoNkulunkulu.

8:3 Ungasheshi ukusuka ebusweni bayo, Ung emi endabeni embi, ngokuba yenza konke ekuthandayo.

8:4 Ngokuba izwi lenkosi liyabusa; ngubani ongasho kuyo ukuthi: “Wenzani na?”

8:5 Ogcina umyalo akayikwazi okubi: nenhliziyo yohlakaniphileyo iyakwazi isikhathi nokwahlulela,

8:6 ngokuba kukhona isikhathi nokwahlulela ezindabeni zonke; nokho ububi bomuntu bukhulu phezu kwakhe,

8:1 – Umuntu ohlakaniphile ongenakuqhathaniswa.

8:2-9 – Ubuhlakani bokuhlala ngasohlangothini olulungile lamandla eNkosi.

- Ivesi. 5 – ohlakaniphile uhlola inkambo efanele nesikhathi esifanele.
- Ivesi. 6-7 – Umuntu ubhekana “nosizi” ngokungakwazi kwakhe ukulawula imiphumela.
- Ivesi. 8 – Njengoba engenamandla okugcina umoya wakhe noma ukugwema ukufa,

- 8:7 lokhu engazi okuyakuba khona, ngokuba ngubani
ongamtshela ukuthi kuyakuba kanjani na?
- 8:8 Akukho muntu onamandla phezu komoya ukuba
awuthiye, futhi akakho obusa phezu kosuku lokufa;
ukukhululwa akukho empini, nobubi abunakukhulula
umninibo.
- 8:9 Ngabona konke lokho, ngabeka inhliziyi yami kuyo
yonke imisebenzi eyenziwa phansi kwelanga
ngesikhathi lapho umuntu ebusa omunye kube
ngukulimala kwakhe.
- 8:10 Kanjalo ngabona ukuthi ababi bembelwa,
ababengenile bephuma endaweni engcwele,
bababazeka emzini lapho kade benza okunjalo;
nalokho kuyize.
-

akanamandla futhi namandla okugwema
imiphumela yobubi bakhe. Abaphathi
basemhlabeni baphakanyisiwe ukwahlulela
abenzi bokubi nokuncoma labo abenza okuhle
(1 EkaPetro 2:13-14).

8:10-14 – Ukwahluleka ukuziyekisa ububi.

- Ukubonakala kokuhluleka kukaNkulunkulu
ukujezisa ububi ngobunye bobunzima
kwingcebo yakhe (4:1; 7:15).
- Ivesi. 10 – Ububi buyakwazi ukungena
endaweni yokudumisa (“engcwele”), okungaba
njalo empilweni yabo, kodwa abaphunyuki
ekufeni nangenkolo yabo. Ngoba bayafa bese

8:11 *Ngenxa yokuba ububi obenziwayo bungahlulelwa masinyane, ngalokho izinhliziyi zamadodana abantu phakathi kwawo zigcwele ukwenza okubi,*

beyaphakanyiswa kulowomuzi abebenza kuwo ububi, bese beyakhohleka ngokushesha! Izaga 10:7, “*Ukukhunjulwa kolungileyo kubusisekile, kepha igama lababi liyabola*”.

- Ivesi. 11 – Ukuphikelela esonweni kuvame ukuba ngenxa yokwahluleka komuntu ukumjezisa ngokushesha, mhlawumbe okuveza ukuxega okusobala kokuhluleka kukaNkulunkulu. Buka incwadi 2 EkaPetro 3:8-9. INkosi ayiboshiwe yisikhathi. Ukubambezeleka kwayo makungadidaniswa nokuxega noma ukuba ntekenteke ekugcineni izithembiso noma izexwayiso zayo. Buka nencwadi 2 uSamuweli 2-3 & 20. Noma uJowabu aphunyuka kwisijezo sokubulala u-Abineri akuholelanga ekuphendukeni kwakhe (KwabaseRoma 2:4). Kunalokho kwaholela ukuqhubekeni ukubulala u-Amasa. Kodwa ukwahlulela nokufa kwehlazo ekugcineni kwamthola uJowabu ekubuseni kukaSolomoni. Njengoba omunye umbhali washo, kungenxa yokuthi abantu abayiboni

*8:12 ngangokuba isoni, noma senza okubi kayikhulu,
kuyandiswa nokho izinsuku zaso. Kanti nokho ngiyazi
ukuthi kuzakuba kuhle kwabamesabayo uNkulunkulu,
lokhu besaba phambi kobuso bakhe;
8:13 kodwa akuyikuba kuhle kwababi, nemihla yabo
ayiyikwandiswa njengesithunzi, lokhu abesabi
phambi kukaNkulunkulu.*

intuthu yomgodi, yingakho bengawusabi
umlilo. Buka incwadi yamahubo 55:19.

- Ivesi. 12 – UMshumayeli uyalila ngoba ababi bayona ngokungcola (izikhathi eziyikhulu baqhubeke baphile nabo) kodwa iqiniso ngukuthi ekuqhathanisweni nokuphila okungunaphakade izinsuku zamanje noma zingabukeka zizinde kangakanani, empeleni zimfushane. “Ukubambezeleka” kukaNkulunkulu kukhona kuphela kulabo abanamehlo anqundekile. Umshumayeli wayekholelwa eqinisweni osukwini lokuhola lukaNkulunkulu ngelinye ilanga. USolomoni wakhuluma ngokucacile encwadini yeZaga ngokuqiniseka kwenkokhelo kaNkulunkulu kokubi nakokuhle futhi ngokunjalo (iZaga 2:22; 10:27; 29:1; U-Isaya 3:10-11).

Lena kwakuyinkinga kaHabakuki futhi- ebona iNkosi iphumelelisa ababi, ize isebenzise

8:14 Kukhona okuyize okwenziwa emhlabeni kokuthi kukhona abalungileyo abehlelwa ngokomsebenzi wababi, nokuthi kukhona ababi abehlelwa ngokomsebenzi wabalungileyo; ngathi: “Nalokho kuyize.”

8:15 Ngase ngibabaza intokozo, ngokuba umuntu akanakho okuhle phansi kwelanga kunokudla, nokuphuza, nokujabula; lokhu kuyakuhlala kuye emshikashikeni wakhe ezinsukwini zokuphila kwakhe aziphiweyo nguNkulunkulu phansi kwelanga.

nokunqoba kwabo ukuletha ukwahlulela kwayo phezu kwabantu bayo (UHabakuki 1:13). Impendulo kaNkulunkulu kuHabakuki iyatholakala esahlukweni 2:4 encwadini yakhe. Kunokudobeka ekujabuleni noma ekumangalisweni ngokufezwe ngumuntu wemvelo ongakholwa, noma ukuba nomhawu noma ukukhathazeka noma ukubalingisa noma ukubathukuthelela, ngokukholwa kufanele sibone ukuphela kwabo. Kunalokho asibabone njengemiphefumulo yokudatshukelwa edinga ukuhlengwa emlilweni. Inselelo ihlezi ifana. Ungakwazi ukukholwa yilokhu uNkulunkulu akushilo? Ungathatha isinyathelo kulolo kholo? Ungayibeka impilo yakho kwizethembiso zakhe?

8:16 *Lapho ngibeka inhliziyi yami ukukwazi
ukuhlakanipha nokubona umshikashika owenziwa
emhlabeni, ngokuba akakho obona ubuthongo
ngamehlo akhe imini nobusuku,*
8:17 *ngase ngiqonda wonke umsebenzi kaNkulunkulu
ukuthi umuntu akanakuwubamba umsebenzi
owenziwa phansi kwelanga, ngokuba noma umuntu
eshikashikeka kangakanani ukuwuhlola,
angewuthole, yebo, nakuba ohlakaniphileyo
ecabanga ukuthi uyawazi, akanakuwuthola.*

8:15-17 – Iziphetho

- Ngomqondo walokho okubukeka kungahambisani nokungazi kwethu, singaphetha ngokuthi izinto zikaNkulunkulu zingeqondwe, zenqaba ukuqonda kwethu ngokuphelele bese zincenga ukuthemba kwethu. Noma singeke sakwazi ukuhlanganisa yonke into ndawonye, lesi akusona isizathu sokulahla ithawula empilweni. Kunokuziholela ekuphelelweni yithemba, mawuholeleke ukuba wethembe lowo ongaphezu konke.

Isahluko 9

- 9:1 *Ngokuba konke lokho ngakubeka enhliziyweni yami
ukuhlola konke lokho ukuthi abalungileyo
nabahlakaniphileyo nemisebenzi yabo kusesandleni
sikaNkulunkulu; noma kuluthando noma kuyinzondo,
akukho muntu okwaziyo; konke kusebusweni babo.*
- 9:2 *Konke kungabehlela bonke, olungileyo nomubi,
omuhle nohlambulukileyo nongcolileyo, onikela
ngomhlathshelo nongenawo umhlathshelo, omuhle abe
njengesoni, ofungayo njengowesaba isifungo.*
-

9:1 – Abalungileyo basezandleni zikaNkulunkulu.

- Noma abahlakaniphe kakhulu bengeke bakuqonda konke (8:16-17), uMshumayeli uyamemezela futhi (8:12) ukuqiniseka kwakhe ukuthi abahlakaniphileyo nabalungile banakekelwa nguNkulunkulu. Kwisahluko 8:16 uSolomoni unikeze inhliziyo yakhe ekwazini, kodwa maye akakwazanga ukukuqondisisa konke. Manje unikeza inhliziyo yakhe ukumemezela lokhu akwaziyo, ukuthi umuntu unokukhetha ukuthola indawo yakhe yokucasha esandleni sikaNkulunkulu. Nayi imbangela yokungabi nethemba kuphela uma ukhetha ukusala ngaphandle kwesandla esibusisekile sikaNkulunkulu.

- 9:3 *Kubi lokhu kukho konke okwenziwa phansi kwelanga ukuthi bonke behlelwa yinto inye; ngalokho izinhliziyi zamadodana abantu zigcwele ububi, nobuhlanya busezinhliziyweni zabo besekhona, andukuba baye kwabafileyo.*
- 9:4 *Ohlangene nabo bonke abaphilayo kukhona ithemba kuye, ngokubainja ephilayo ingcono kunengonyama efileyo.*
- 9:5 *Ngokuba abaphilayo bayazi ukuthi bayakufa, kepha abafileyo abazi lutho, futhi abasenawo umvuzo, ngokuba ukukhunjulwa kwabo sekukhohlakele.*
- 9:6 *Uthando lwabo, nokuzonda kwabo, nomhawu wabo sekuphelile, futhi abasenaso isabelo nanini kukho konke okwenziwa phansi kwelanga.*
-

9:2-3 – Isehlo esisodwa senzeka kubo bonke – ukufa.

- Lokhu akukhona nje ukukhathazeka kokugula ngokufa, kodwa yiqiniso eliqotho.

9:4-6 – Izinzuzo zempilo ngokufa.

- Impilo isabambe ithemba (impilo ezithobile [inja ephilayo] incono kunokufa okubabazekayo [ibhubesi elifile]), ulwazi, umvuzo, inkumbulo, uzwelo, yingxenye yempilo njlnjl. Akufanele siholelwe ekungabini nathemba empilweni njengoba impilo incono kunokufa ngokomqondo womuntu wemvelo ngaphansi kwelanga. Lokhu akufundisi imiphefumulo elalayo ngokufa, kodwa futhi

- 9:7 *Hamba udle isinkwa sakho ngentokozo, uphuze iwayini ngenhliziyo enhle, ngokuba uNkulunkulu usevumile imisebenzi yakho.*
- 9:8 *Izingubo zakho mazibe mhlophe ngezikhathi zonke, nekhanda lakho malingasweli amafutha.*
- 9:9 *Thokoza ngokuphila nomkakho omthandayo zonke izinsuku zokuphila kwakho okuyize, oziphiwayo phansi kwelanga zonke izinsuku zakho eziyize, ngokuba lokhu kuyisabelo sakho kulokho kuphila ngomshikashika wakho owushikashikayo phansi kwelanga.*
-

ngokombono womuntu ongakhanyiselwe, kungukuqhathanisa phakathi kwempilo nokuphela kwempilo ngaphansi kwelanga. Zinikezele ekuthokozeleni amathuba empilo, lawo azokulahlekela ekufeni.

9:7-10 – Imicabango yokuphetha.

- Lapha futhi yiseluleko sempilo ethokozile, maqondana nokufa okuthile bese kuphela konke. Namaqondana nemvelo edlulayo yempilo.
- Ivesi. 9 – Phila ngentokozo nomkakho. Lokhu kunikezwe njengomyalo. Ngokufanayo nalokhu esikubona encwadini yeZaga 5:19, “*amabele akhe mawakudelise ngesikhathi sonke, weqiwe njalo luthando lwakhe*”. Okushiwo lapha ngukuthi umuntu uyakwazi

9:10 Konke isandla sakho esikufumanayo ukukwenza,
kwenze ngamandla akho, ngokuba akukho msebenzi,
namecabango, nakwazi, nakuhlakanipha endaweni
yabafileyo, lapho uya khona.

9:11 Ngabuye ngabona phansi kwelanga ukuthi ukujaha
akuyi ngabanejubane, nokulwa ngamaqhawe,
nesinkwa ngabahlakaniphileyo, nengcebo
ngabaqondileyo, nomusa ngabanokwazi, ngokuba
bonke bahlangabezana nesikhathi nethuba.

ukwenza njalo uma ekhetha ukulalela
uNkulunkulu. Ngakho-ke siyayidinga yini
impelasonto yabathandanayo lapha
beyolungisana endaweni eqhelile nabantu,
noma ungamthathela isinqumo (owesifazane)
lapho namanje? Bheka futhi ukuthi umlingani
angaba yingxenye ebalulekile empilweni,
enikezwe nguNkulunkulu ukwenza ubunzima
bempilo bukwazi ukubekezeleleka (khumbula
isahluko 4:9-12). Bheka futhi ukubaluleka
kokukhetha okuhlakaniphile komlingani
ofanele, lowo owenza kube ngumsebenzi olula
ukumthokozela. Impela ukuthola ofana
nalona kuvela eNkosini (Izaga 19:14).

- Ivesi. 10 – Yenza ngamandla akho onke.

9:11-12 – Ingxoxo yokufa.

- Ukufa kuyisehlo esingaqinisekile,

9:12 Ngokuba umuntu akasazi isikhathi sakhe;
 njengezinhlanzi ezibanjwa enetheni elibi nezinyoni
 ezibanjwa ogibeni, kanjalo amadodana abantu
 abekelwa isihibe ngesikhathi esibi, laphe siwehlela
 ngokuzumayo.

9:13 Ngabona futhi ukuhlakanipha ngale ndlela phansi
 kwelanga, kwaba kukhulu kimi:

9:14 kwakukhona umuzi omncane, unabantu
 abayingcosana phakathi kwawo; kwafika inkosi
 enkulu kuwo, yawuvimbezela, yakha izinqaba
 ezinkulu ngakuwo;

esingalindelekile, futhi esivame ukuzuma.
 “Ithuba” liphinda lisho embonweni ovela
 emqondweni womuntu “*ngaphansi kwelanga*”,
 okuveza okungalindelekile. Kungesibo
 ababuthakathaka nabayiziwula kuphela
 abafayo. Ukushwibeka, amandla,
 nobuhlakani, ukuqonda, nekhono akusoze
 kwaphumelela ngaphezu kokufa.

9:13-18 – Umuzi omncane, osindiswe ngubuhlakani.

- UMshumayeli uqala utusa ukuhlakanipha
 ngaphezu kobuwula ngokuhlobene nendawo
 enohlonze, efundisa *inani eliphakeme kakhulu*
lokuhlakanipha.
- Ivesi. 14 – Wayazi umuzi omncane
 (ongemkhulu nongabalulekile), lowo

- 9:15 *kepha kwafunyanwa kuwo indoda empofu
ehlakaniphileyo; yawukhulula umuzi
ngokuhlakanipha kwayo, kodwa nokho akakho
okhumbula leyo ndoda empofu.*
- 9:16 *Ngase ngithi: “Ukuhlakanipha kuhle kunamandla,”
kepha ukuhlakanipha kompofu kuyadelelwa,
namazwi akhe awezwakali.*
-

onengcosana yabantu. Kwakunamadoda ambalwa kuwo ezolwela umuzi wawo omncane – enganamandla empi (*umzana nje obuthakathaka*). Inkosi yimbe eyayinkulu yamelana nalomzana obuthakathaka, iza nezimfanelo ezinkulu namandla. Ngokomqondo womuntu umuzi wavela *uzithithibalele futhi ungenathemba*, futhi uzowa ngokuqinisekile.

- Ivesi. 15 – Kwangena indoda empofu ehlakaniphileyo. Kwasekuthi indoda empofu eyabe ingenagama, ngobuhlakani bayo, yahlenga lomuzi omncane. Asitshelwanga ukuthi kanjani, kuphela ukuthi *ukuhlakanipha* kwayo kwavela kuqinile kunamandla empi enkulu. Akakwazanga ukuthenga labo ababehlasela, ngoba kwakuyindoda nje empofu. Futhi lendoda ayikwazanga nokuletha impi, namadoda ambalwa emzini ukuba amlandele. Izimfanelo

9:17 *Amazwi abahlakaniphileyo ezwakalayo ekuthuleni
mahle kunokumemeza kobusa phakathi kweziwula.*
9:18 *Ukuhlakanipha kungcono kunezikhali zokulwa,
ngokuba oyedwa owonayo angachitha okuhle
okuningi.*

zayo kwakungukuhlakanipha kwayo. Yilokho
okwahlabala uMshumayeli umxhwele.
Ukuhlakanipha kodwa kuyawadlula amandla!

Kodwa ke, inzuzo yonke enkulu yalendoda
empofu kulomuzi omncane ngobuhlakani
bayo kodwa “*nokho akakho okhumbula leyo
ndoda empofu*” (ivesi 15), “*kepha
ukuhlakanipha kompofu kuyadelelwa,
namazwi akhe awezwakali*” (ivesi 16). Indoda
ehlakaniphileyo yahamba ingavuzanga
yaphinda yangakhunjulwa ngenkululeko
eyalethwa ngukuhlakanipha kwayo.

- Ivesi. 16-18 – Isiphetho soMshumayeli.
“*Ukuhlakanipha kuhle kunamandla*” (ivesi 16)
futhi “*kuncono kunezikhali zokulwa*” (ivesi 18).
Kodwa noma kunjalo ukuhlakanipha
akubahlabi umxhwele abantu njengamandla
nobukhulu nomcebo. Inani lokuhlakanipha
alicacile noma alibagculisi abantu
basemhlabeni. Empeleni, abahlakaniphile

kuphela abakwazi ukubona inani lobuhlakani ngendlela. Ukuhlakanipha kuncono kunamandla ahlaba umxhwele amakhulu, futhi kuhlala kunjalo, noma izwe linqaba ukubona lokho. Futhi lizohlala linjalo.

Buka incwadi kaHezekiya, abhekana nakho nesibonelo neNkosi u-Saneheribi yase-Asiriya (2 Amakhosi 19). Umbuso omkhulu wama-Asiriya wawumelene nomuzi waseJerusalema. Kwakungenathemba! Asikho isizwe esasisikhulu ngokwanele esasikhona esasingathatha inselelo nawo. IJerusalema lalizobalekela kubani? Kodwa impendulo yobuhlakani beNkosi uHezekiya bafakaza ngokuba bukhulu kunamandla empi yama-Asiriya. Wazithoba phambi kweNkosi wakhuleka. Futhi bheka usongo olukhulu lwama-Asiriya lwanyamalala ngobusuku (uvesi 35-36)!

Ngakho-ke *amandla eqiniso* ngukusaba uNkulunkulu nokuthembela kuye, ngengoHezekiya ongcwele. Lawa ngamandla amakhulu kunawo wonke amandla ehlangene emhlabeni, kodwa akuhlabi umxhwele, okungakho kusheshe kukhohlakale kubantu. Abantu basemhlabeni mababeke izikhumbuzo ezinkulu namahholo odumo kwabanamandla.

Mabagcwalise iminyuziyemu noma izindawo zomlando namagugu ngamathambo ezilwane zasemandulo ezinkulu kakhulu. Kodwa bheka baphuma kanjani emgqeni kaNkulunkulu othi ekuhlakanipheni nasemandleni akhe nguye *owadala* lezo zilo. Bheka ukuthi umuntu wemvelo, ebuwuleni bakhe, uphuthwa yiqiniso lokuthi lezi zidalwa ezahlaba umxhwele zikhona *ngenxa* yokuba uNkulunkulu ongabonwayo wasezulwini emkhulu kunazo, futhi wazikhipha ngoba ethanda (UJobe 40:19, “*ngingamenza, ngiphinde ngimthathe!*”). Ukuhlakanipha ngokwanele ekwethembeni uNkulunkulu ngukuba nezimfanelo ezifihliwe ezinkulu kunayo yonke impi yalomhlaba. Kodwa umhlaba uzohlale uphuphuthekile kulamandla, ngoba awukwazi ukubona kuwo into ephathekayo negculisayo.

*“/zimpukane ezifileyo zenza amafutha
omthaki ukuba anuke, abile;
kanjalo ubuwula obuncane bulingana
nokuhlakanipha nodumo.”*

(Shum. 10:1)

Isahluko 10

10:1 Izimpukane ezifileyo zenza amafutha omthaki ukuba anuke, abile; kanjalo ubuwula obuncane bulingana nokuhlakanipha nodumo.

10:2 Inhliziyo yohlakaniphileyo ingakwesokunene sakhe, kepha inhliziyo yesiwula ingakwesokhohlo.

10:3 Yebo, nasendleleni esihamba ngayo isiwula, siyaphela ingqondo, sisho kubo bonke ukuthi siyisiwula.

Usaqhubeka utusa ukuhlakanipha ngaphezu kobuwula (igama “isiwula” litholakala izikhathi eziyi-9 kulesi sahluko).

10:1 – Ubuwula obuncane buyadingeka ukubolisa amafutha empilo ehlakaniphileyo.

10:2 – Inhliziyo iveziwe.

- Abahlakaniphileyo bagcina inhiziyo yabo endaweni yodumo (“esandleni sobunene”), ekubeni isiwula siyibeka ehlazeni. Buka incwadi yeZaga 4:23, “Phezu kwakho konke okugcinayo, gcina inhliziyo yakho [ngaphezu kwakho konke okugcinayo]”.

10:3 – Impilo inendlela yokudalula lokhu okukithi.

- 10:4 *Uma umoya wombusi ukuvukela, ungashiya indawo yakho, ngokuba ukubekezela kuvimba izono ezinkulu.*
- 10:5 *Kukhona ububi engibubonile phansi kwelanga, bunjengephutha elivela kumbusi:*
- 10:6 *ubuwula bubekwa ezindaweni eziningi eziphakemeyo, kepha abacebileyo bahlala kweziphansi.*
- 10:7 *Ngibonile izinceku zikhwele amahhashi, nezikhulu zihamba phansi njengezinceku.*
- 10:8 *Omba umgodi uyakuwela kuwo, nodiliza ugange uyakulunywa yinyoka.*
- 10:9 *Okhipha amatshe uyakulinyazwa yiwo, nobanda izinkuni uyakuba sengozi ngazo.*
- 10:10 *Uma insimbi ibuthuntu, umuntu engaloli usiko, uyakhamelela ngamandla; kepha okusizayo ukuphumelelisa kungukuhlakanipha.*
-

10:4 – Ungayibalekeli imisongo yababusi.

- Isimo senqondo sokuhoxa siyadambisa amacala amakhulu.

10:5-7 – Ubuwula bubekiwe. Ukungalingani empilweni.

10:8-10 – Ukuhlakanipha bubekiwe.

- Izingozi zansuku zonke zingagwemeka ngokuhlakanipha. Kuphinde, ubuhlakani buhamba ibanga elide kunamandla anonya (ivesi 10).

- 10:11 *Uma inyoka iluma ingakalunjwa, umlumbi akasizi lutho.*
- 10:12 *Amazwi omlomo wohlakaniphileyo anomusa, kepha izindebe zesiwula ziyasigwinya sona.*
- 10:13 *Ukuqala kwamazwi omlomo waso angubuwula, nokugcina kokukhuluma kwaso kungubuhlanya obubi.*
- 10:14 *Isiwula siyandisa amazwi, nokho umuntu akazi okuyakuba khona; nalokho okuyakuba ngasemva kwakhe, ngubani ongamtshela lokho na?*
- 10:15 *Umshikashika weziwula uyaziqoba, ukuze zingazi nokuya emzini.*
- 10:16 *Maye kuwe lizwe onkosi yakho ingumntwana, nezikhulu zakho zinedili ekuseni!*
- 10:17 *Ubusisiwe wena lizwe onkosi yakho iyindodana yabakhulu, nezikhulu zakho zinedili ngesikhathi, ziziqinise, zingadakwa.*
- 10:18 *Ngobuvila obukhulu indlu iyabola, nangokwenqena kwezandla iyavuzwa.*
-

10:11-15 – Inkulumo yesiwula.

- Amazwi esiwula ayazibethela wona, ayalimaza, angukuhlanya, maningi kakhulu, futhi alungile emehlweni aso njengoba singenalwazi nje.

10:16-19 – Ukuhlakanipha nolwazi ekuholeni.

- Ivesi. 16-17 – Izinhlobo ezimbili zabaholi - ozicabangela yena yedwa nobukhali.
- Ivesi. 18 – Umfanekiso wobuhlakani bokukhuthala.

*10:19 Idili lenzelwa ukuhleka, newayini liyenamisa
ukuphila, kepha imali iyimpendulo yakho konke.*

*10:20 Ungayiqalekisi inkosi nasemicabangweni yakho,
ungabathuki abacebileyo nasekamelweni lakho
lokulala, ngokuba inyoni yezulu iyakulihambisa izwi,
nokunamaphiko kuyakuyilanda indaba.*

- Ivesi. 19 – Isibonelo sesimo sengqondo sokuzicabangela wedwa. Buka incwadi yeZaga 31:4-9.

10:20 – Ubungozi bokuqalekisa abaphethe.

Isahluko 11

- 11:1 *Thuma isinkwa sakho ebusweni bamanzi, ngokuba uyakusifumana emva kwezinsuku eziningi.*
- 11:2 *Yabela abayisikhombisa nabayisishiyagalombili, ngokuba awukwazi okubi okuyakuba semhlabeni.*
- 11:3 *Uma amafu egcwele imvula, ayayithulula emhlabeni; futhi uma kuwa umuthi ngaseningizimu noma ngasenyakatho, endaweni lapho uwa khona umuthi, uyakuba lapho.*
-

11:1-6 – Utshalomali oluhlakaniphile lwempilo.

- Ivesi. 1-2 – Umfanekiso *wokuthutha*. Ukwabela utshalomali kuyisidingo ngenxa yokungaqiniseki ngokuthi ikusasa liphetheni. Ukungahlali ungasebenzi (ivesi 1), futhi ungathembeli entweni eyodwa (ivesi 2). Tshala ngobuhlakani (ngokwezinhlobonhlobo) nangokucophelela, ekugcineni uzothola okuthize.
- Ivesi. 3-6 – Umfanekiso ngokulima. UMshumayeli ukhuluma ngokutshala imali ngokucophelela kokusebenza, noma singaqondi ukuthi konke kusebenza kanjani (izikhathi ezi-4 “*awazi*” lapha). Uyaphinda umqondo wokunikela manje ngethemba lokuzobuya kuphindaphindiwe kusasa. Gcina

- 11:4 *Oqaphela umoya akayikuhlwanyela; obheka amafu kayikuvuna.*
- 11:5 *Njengalokhu ungazi indlela yomoya ukuthi iphi, nokubunjwa kwamathambo esizalweni sokhulelweyo, kanjalo awuyazi nemisebenzi kaNkulunkulu owenza konke.*
- 11:6 *Hlwanyela imbewu yakho kusasa, ungaphumuzi isandla sakho nakusihlwa, ngokuba awazi ukuthi yiyiphi eyakuphumelela, yilena noma yileyo, noma ziyakuba zinhle zombili ngokufanayo.*
-

ukugxila kwakho ekutshaleni ngaphandle kokunaka isikhathi noma isimo. Ungavumeli noma yini ikuphazamise ekugxileni okuyikho, ngisho njengoNehemiya akakwazanga ukuphazamiseka enjongweni yokugxila kwakhe ekubekeni udonga. Uma uhlale ukhathazeke ngokuqaphela nangokonga izimfanelo eziyigugu kunoba ukutshale, ngeke uze uvune isivuno. Uma uhlezi ulindele isimo esilungile, ngeke uze ukhiqize lutho (ivesi 4). INkosi isemsebenzi ngokufanayo kokubi, izinsuku ezingathembisi nabantu nezimo njengoba injalo nakokuhle.

Ngalemifanekiso emibili siyanxuswa ukuqhubeka, ngomfutho wokukhuthala, okuhlanganiswe nokuhlakanipha, ukutshala ngezinhlobonhlobo kwamandla nezimfanelo, ngesikhathi sibona ukuthi konke konganyelwe

*11:7 Ukukhanya kumnandi, yebo, kuhle emehlweni
ukubona ilanga.*

*11:8 Noma umuntu ekhona iminyaka eminingi,
makathokoze ngayo yonke, akhumbule nokho
nezinsuku zobumnyama ukuthi njengokuba ziziningi,
konke okufikayo kuyize.*

nguNkulunkulu, nomphumela esingawazi
thina.

Beka konke okwakho ekwenzeni okuhle,
ubeke ithemba lakho kuNkulunkulu ngakho
konke okunye.

Bheka lemicabango efakiwe ekufinyeleleni
kwabasebhizinisini. Uma ukukhazeka kwakho
yizinzuzo zakho kuphela kunokutshala
esibusisweni sabanye, izimfanelo zakho ngeke
zavuna isivuno. Buka incwadi NgokukaLuka
6:38, “Yiphani, khona niyakuphiwa...” neZaga
3:9-10, “Dumisa uJehova ngempahla yakho...”,
neZaga 19:17, “Onomusa kompofo utsheleka
uJehova...”

11:7-12:7 – Isikhumbuzo sokugcina ngokufa.

- Ivesi. 7-8 – Ukukhanya kumnandi, kodwa
ubunyama buyeza.

*11:9 Thokoza, nsizwa, ebusheni bakho, inhliziyo yakho
ikuphe ukwenama emihleni yobunsizwa bakho,
uhambe ngezindlela zenhliziyi yakho njengokubona
kwamehlo akho, kepha yazi ukuthi ngakho konke
lokho uNkulunkulu uyakukungenisa ekwahlulelweni.
11:10 Khipha usizi enhliziyweni yakho, udlulise okubi
emzimbeni wakho, ngokuba ubusha nobunsizwa
buyize.*

- Ivesi. 9-10 – Sijabule, kodwa sinomqondo
wokwahlulelwa. Beka kude usizi nobubi.

Isahluko 12

- 12:1 Futhi khumbula uMdali wakho emihleni yobusha
bakho, zingakafiki izinsuku ezimbi, ingakasondeli
iminyaka osho ngayo ukuthi: “Angithokozi ngayo;”
- 12:2 yebo, lingakabi mnyama ilanga, nokukhanya,
nenyanga, nezinkanyezi, namaфу engakabuyi emva
kwemvula,
- 12:3 ngalolo suku lapho abalindi bendlu
beyakuthuthumela, amadoda anamandla agobe,
abasilikazi bayeke ngokuba beyingcosana,
abalunguza emafasiteleni bafiphazelwe,
- 12:4 iminyango ivalwe esitaladini, lapho umsinde
wokusila uncipha, umuntu avuke ngezwi lenyoni,
izintombi zonke zokuhlabelela zithuliswe;
- 12:5 nalapho abantu besaba imimango izesabiso zibe
sendleleni, umalimondi* ukhahlele, intethe itotobe,
izithelo zesihlahla sekaphari* zingabe zisaba
namandla, ngokuba umuntu useya endlini yakhe
ephakade, nabalilayo bazulazula esitaladini;
- 12:6 yebo, lingakagqabuki igoda lesiliva, nokhamba
lwegolide lungakaphahlazwa, nembiza ingakafi
ngasemthonjeni, nesondo lingakaphuki ngasemgodini
wamanzi,
-

12:1-7 – “Khumbula umdali wakho”.

- Khumbula uNkulunkulu usenengqondo
nomzimba wokumthanda umkhonze. Lena
yincazelo enehabana yokuguga nokufa, futhi
kuhlezi kusemqondweni ukuthi phambi
kwakhe sizozilanda (ivesi 7).

12:7 uthuli lubuyele emhlabathini, njengokuba
lwalunjalo, umoya ubuyele kuNkulunkulu
owawunikayo.

12:8 “Ize leze,” usho uMshumayeli, “konke kuyize.”

12:9 Futhi ngokuba uMshumayeli wayehlakaniphile,
wayefundisa abantu ukwazi, wazindla, waphenya
walungisa izaga eziningi.

12:10 UMshumayeli wafuna ukuthola amazwi
anamisayo afanele ukulotshwa, amazwi eqiniso.

12:11 Amazwi abahlakaniphileyo anjengezincijo,
nezigaba zawo zinjengezipikili ezinamatheleyo,
ephiwe nguMalusi munye.

12:8-14 - Isiphetho soMshumayeli.

- Ivesi. 8 – UMshumayeli uqala isiphetho sakhe ngokuphinda asho iphuzu aqale ngalo (1:2).
- Ivesi. 9-10 – Injongo yakhe kwakungukufundisa amagama aqotho eqiniso.
- Ivesi. 11-12 – Imiphumela yokuhlakanipha.
 - o Ivesi. 11 – Yimikhonto nezinaliti zobuhlakani. Imikhonto yizinduku ezicijile zokugqaza izinkabi. Iqiniso likaNkulunkulu lingumkhonto, osikhuthaza (obuhlungu mhlawumbe) empumelelweni yethu, ekuthuthukeni, ekuhlobeni, njlnjl. Futhi ubuhlakani bakhe bangunaphakade yizinaliti

12:12 *Kepha phezu kwalana, ndodana yami,
mawuxwaye; ukwenza izincwadi eziningi
akunakuphela, nokufunda okuningi kukhathaza
umzimba.*

12:13 *Nakhu ukuphela kwendaba, lapho sekuzwakele
konke: Mesabe uNkulunkulu, ugcine imiyalo yakhe,
ngokuba lokho kungokwabantu bonke.*

12:14 *Ngokuba uNkulunkulu uyakuyisa uyakuyisa yonke
imisebenzi ekwahlulelweni kanye nakho konke
okufihliweyo, noma kuhle noma kubi.*

eziboshiwe ezihlaba izinhliziyi zethu
phakathi ekujuleni kokulungile futhi
zisivikela ukuba singaduki (2
KuThimothewu 3:16-17).

Ngaphansi komalusi (“amakhosi
omhlambi”) ngaphansi koMalusi munye.
UMshumayeli uveza umthombo
wesifundiso sakhe.

- Ivesi. 12 – Usixwayisa ukungafuni
izimpendulo ngaphezu kwalezi
uNkulunkulu azinikezile.
- Ivesi. 13-14 – “*Ukuphela kwendaba*”. Lapha
yonke imibhalo yabantu ibhekwa (ivesi 12),
sifika esiphethweni sokuthi lencwadi etusiwe
yileyo ncwadi yazo zonke izincwadi. Futhi uma
siletha umyalezo walencwadi ebusisekile
kaNkulunkulu esiphethweni, sithola ukuthi

konke kungamayipi aya endleleni ecacile phambi komuntu; ukwesaba uNkulunkulu, ukugcina imiyalo yakho (ukwesaba uNkulunkulu kweqiniso kuzobonakala ngokumthobela yena), nokuphila nomqondo wokwahlulela Kwakhe. Lena yiyona mpilo yeqiniso umuntu adalelwa yona.

.....

Ukugxila ekwesabeni uNkulunkulu

- 3:14 – Imvelo engaguquki yomsebenzi kaNkulunkulu esiholela ukuba simesabe.
- 5:7 – Umyalo wokwesaba uNkulunkulu kukho konke, njengomkhumbi udabula emagagasini nokuhamba kwemithambo yomuntu, amagama, namaphupho.
- 7:18 – Lowo owesaba uNkulunkulu uzofinyelela ekuthuleni kwempilo.
- 8:12 -13 – Isiqiniseko soMshumayeli ngempilo kusasa kulabo abesaba uNkulunkulu.
- 12:13 – Umyalo wokuphetha “*wayo yonke indaba*” ukwesaba uNkulunkulu ngokuba “*kungokwabantu bonke*”.

